297 (4)

1

K13/27 H. Mhlongo.

1-126*

begins No 1 of 297

P.P. 1-126 22a.

Addendum to Page 22 Section 26. K13/27. p1.

297 Mkubulala. 10 JUN 1939

297 297 (4) 4a indexed 297

Ngesikhathi sasidulo bekuthi
owesifazana ebelethe amawele,
kuthiwa wakwehla imihlolo: kuthi
wageda, kwaphuma
nomzanyana, wanqunywa, kube
sekuthathwa leli eliphume kuqala
lifakwe igabade emlonyeni. Leli
igabade lifakwe qede ife ingane.
Ibe isimbelwa lapha esithum-
banjeni. Kube sekumbelwa no-
mzanyana khona esithumbanjeni.
Kwenziwa konke loku nje
kugonywa lengane ephume
muva ukuba iphile yona
ingafi. Nomhlolo lo obugonda
ukwehla lapha ekhaya unga-
be usehla. Kuthi ke lengane
ephilayo iloku igezelwa lapha
esithumbanjeni, lapha kumbelwe
khona elinye, yikhona engezu
kukhumbulana akhalelane.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Lòku bekwenziwa ngesikkhathi sasendulo impela.

Kuthe kuqala kubusa oTshaka noDingane, noMpande, kwakungasenkkhuba ~~semthetho~~ uqinile ukuthi iphahla lifakwe igade; ngoba basebebona ukuthi babulala ebe lizophila.

Kwase kwaziwa ukuthi uma umuntu ezele amaphahla, wena obukele, mubongele uthi, "Ha! waze waku busisa uMvelinqangi bo!" Ungaze washo ukuthi, "Waze wa khokiseka bo!" ngoba uzosuke uwazale nawe uma uphumesela ngomlomo nenhliziyo yakho ukuthi awuwathandi.

Kwakwaziwa ukuthi amawele ayakhaba. Kwesinye isikkhathi elikhulu likhaba elincane. Kwesinye isikkhathi aphile wona kepha akhabe uyise. Kwesinye isikkhathi aphile noyise, akhabe unina. Ngakoke kwakwaziwa ukuthi umuntu wehlelwe yingo-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

zi enokuphuthungwa kodwa.

297 Ukuphalala umkhosi wamaphahla

1. Uma uthole amaphahla, kufanele uyise awakhunge, abonge kwabaphansi, ezinxusela naye ukuze aphile kulomhlolo, nomkakhe. Uma uyise wamaphahla enamandla, wa eye ahlabe izinkomo ezimbili, enye kube ngeyelinye, enye kube ngeyelinye enzela imbeleko ya'wo. Uma engenazo izinkomo ke ahlabe izimbuzi ezimbili. Awangqwambise ngemisweswe yesikhumba esiseleyo sisikwe sithungwe izimbeleko zawo.

Imithi kayidli amakhosi (amawele, amaphahla). Umuthi wawo waumunye. Kuyimpepho ayenganukiswa zinyamazane ayethungiselwa nje ngempepho kube kuphela. Noma ehliwa ngu.

mkhuhlane athungiselwe ngempepho, alozwe ngayo, aphuziswe yona, agezwe ngayo kuphela abe selulama.

Unina wamakhosi uma esenonina, athathe elinye ali yise kunina ukuba amondele lona lize likhule, enzela ukuwahlukanisa ukuze kungabi bikho ukufudumala komkhuhlane. Naye uma ligula eme ngayo impepho. Kuthi uma umkhuhlane umphikelele, abe se lethwala alilethe kwelinye ngoba asuke ekhumbulene, nje ngoba ingalathi yawo iyinye.

Kwesinye isikhathi abonane qede aphile. Kucikiziswe njalo aze akhule.

Njengoba niyazi ke ukuthi ingane encane ayifulathelwa ngunina uma kulelwe. Kungumkhuba ukuthi ingane

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

unina kabeke ngakuyo. Kuthi nxa efuna ukuphenduka, a yiphendule, kube yikhona naye ephenduka. Uma eyi fulathela, izofulathelwa ama-dlozi ingalungi.

Emaphahleni ke, yiliphi elizofulathelwa? Njengoba uma ebeka ngakwelinye ulifulathele elinye? Alikho elifulathelwa yo. — Kuye kuthi unina alale ngomhlana. Enye inga-ne ilale ngakolunye uhla-ngothi nenye ilale ngakolu-nye. Uma sezincelá nenye incele elinye nenye incele elinye ibele.

Kwesinye isikhathi ayephila omobili kepha kwakungavamisi ukuba aphile omobili. Kuthi ke uma ephile omobili ku-thiwe elikhulu ngelincane. Eliphume musa ngelikhulu. Kuthi uma unina ebalâ izi

ngane zakhe, wona awakale
enjengamuntu munye/

Kuthi ke uma elinye lifile
lingakhalelwa, lingazilelwa.
Limbelwe ekhaya ukuze kuthi
uma leli elisaphila lidutshu-
lwa umkhuhlane, liye kogeze-
lwa ethuneni lelinye ngempepho.

Futhi ke uma kugula e-
linye, nelinye liyagula. Kwe-
sinye isikhathi uma kufa
elinye nelinye liyafa. Aba
niniwo babekhathala ku-
hlaba beshweleza kwabapha
nsi. Kwesinye isikhathi njalo
baphumelele.

Isilima besingabulawa
neze kwaZulu. Besiyekwa
nje uma sizelwe ekhaya
kuthiwe kuchume inzalo.

Njengombila nje, uma insimu
ishumile ibonakala ngokuba kube
khona isiwumba(omunye umbila okuthi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

esikhundleni soba kube khona isikhwebu, kube yimpuphu emnyama phakathi kwamakhasi). Isinumba ke yisona silima sombila.

Nabantu babeye bazale baze bazale nezishaywa. Kuthiwe asingahlekwa isilima ngoba uma usihleka uyosizala. Kepha zaziyekwa nje zingabulawa kuthiwe kuchume inzalo- njengoba nani nake nezwa nje ukusinda kukampande la u~~Tshaka~~ Dingana efuna ukumbulala yathi induna ayexoxa nayo, " Muyeke Nkosi, musu kumbulala, yisilima sakwenu." Wasinda njalo uMpande wazala wagcwalisa umuzi. Wayenomzimba omubi umdlavuza.

Kwakuyekwa nje nokuhlala kugqaza amathe kunganakwa.

Ukuphinga.

KA 58

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kwakungandile kangaka
ukuphinga kuqala; ngoba am
doda ayelwa izimpi zaungafunel
umlaza. Nakumhlakhe umuntu
wayehamba kancane. Kungatha-
ndeki ukuba umuntu azingco-
lise kakhulu ngomuntu wesifa-
zana ngoba bekwaziwa ukuthi
afuneki amehlo amnyama empini.

Kepha ke a khona amaxhwele
njengakugwayi akhona amaxhu-
le. Nasesifazaneni zazikhona
izelelesi ezeqa umthetho impela.
Nasenyameni ayekhona amakloza
emnyama.

Kwakuye kuthi uma indoda
ibanjwe nomfazi womuntu – ba
banjwa abaze baba nandlela yo-
kubaleka, baqongqwe indoda no
mfazi lowo abanjwe naye. /

KwaZulu, kudala, omunye
umlobokazi uKaGoba, ethanda
indoda, umfowabo myeni wakhe,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ephinga naye umā indoda yakhe ingekho. Kwahamba kwahamba yasola indoda.

Kuthe ngelinye ilanga yakopha isiqqiki sayo necansi yahamba yathi iyobuya esonteni elilandelayo. Wasetshela isoka leli lakhe ke uKaGoba wathi li ze lifike lapha kuswelela ngoba indoda ihambile.

Usehamba umyeni ebuya mashona ngalo lelo langa enge na endlini kwakhe ehlala nje evala emnyango.

Sekuthi emva nje kokufika komyeni, la kuqundeka amehlo nje, selizwakala isoka emnyango, lithi, "KaGoba, KaGoba, vula." Isivula indoda. Usengena, Isimemeza abafowabo beyivimbezela, beyiyisa kumnumzane. Selisha njalo icala. Sekufunyaniseka ukuthi lendoda iya hphinga impela uKaGoba, la ino-

297 10 K13/27

kumthola. Kwasekusobeka nje.
Kwathi ke umnumzane la eyibuza ukuthi umfazi lo uyayithanda yini nokuthi yameshela yini, yavuma ukuthi umfazi uyayithanda yameshela.
Wayesebuza umnumzane ethi, "Wameshela kanjani umkamuntu naye amlobola ngezinkomo ngoba emthanda?" Sathi isiphingi "Nami ngiyamthanda." Wabuza umnumzane wathi, "Awunaye yini umkakho?" Sathi iselelesi, "Ngi naye kodwa kangenelisi.
Sekubuzwa kumlobokazi, u Ka Goba, kubuza umnumzane, uyise wendoda yakhe, ogama lakhe kwakungu Sokufoca Mazibuko. Usebuza ethi, "KaGoba, lendoda uyaphinga nayo na?" avume KaGoba. Abuze umnumzane ukuthi, "KaGoba, uyayithanda yini lendoda?" Avume umlobokazi

abesebuza umyeni wakhe ukuthi usemalile yini, athi kamalanga. Athi Umnumzane, "Pho ~~ngoku~~ uye wenzenjani?" Athi, "Ngibathanda boba bili."

Lalahla isele lesi icala kwathiwa kasimhlawule ngenkomo umlobokazi womuntu.

Kwakhuzwa umhlolo phakathi kwezwe. Naye umnumzane walinquma ngokuthi uma beke baphinda bagila umkhuba phakathi komuzi, uzoya koba bika enkosini baqonqwe bobabili.

2

Umlobokazi, uKaBonakele Shazi, emithiswe yinkengane, inyembane, limelapha, akushiwongo nokuthi wemithi kwathiwa uyagula.

Kwathi noma amakhosikazi amadala akwaShazi esola emsola

297 kwesabeka nokuphakamisa. Kwathi
nomyeni wakhe wambona sihlala,
ngoba phela amanje amadoda
akwazi ukumbona umuntu e-
phuma naso endlini. Kuthe u-
kuba ambone amsole, wamexwaya
kabe esambiza, kepha kaze am
babasa.

Zahamba izinyanga zahamba
izinyanga, zaze zeqa isandla manje
baqala abantu bamkhomba nge-
zithupha benyenyeza. Naye u-
myeni wakhe wamgwemela em-
hlekisa nje ngamazinyo. Kanti
naye usebange ngokuthi uyoqha-
muka u"Ngiyosho Ekhaya."

Kwaba yisimanga njebo kwa-
Ngenetsheni. Kepha wathi lapha
esezala, loku kwakungashiwo ukuthi
wenithi kwakuthiwa uyagula,
kwabizwa izalukazi. Zithe uku-
ba zifike izalukazi, zambamba.
Wayesethetha umlobokazi, esethi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

121

K13/27 297

nempela uyathakatha.

(3) Insizwa igama layo kwakungu Soka. Yathi iye ezintombini yahlwe lwa. Yabuya phakathi kobusuku. Ithe iyahamba yahlangana nabathakathi, bayisukela.

Yabaleka lensizwa kukhona nesilwane abayisukela ngaso. Yabaleka kakhulu, yaye yakhwela emthini omkhulu yahlala ehlozini lomuthi. Kanti lapho yisesikhumulweni sabo abathakathi. Lapha behlanganela khona bayixoxe khona indaba yokuthi ngomuso siyoya kovimbezela kwabani sibulale ubani ngomuso siye kwabani.

Bafike qede lapha phansi komuthi ime impisi le ebe imsukela, yehlileke ukulanda umkhondo.

Bafike bahlala lapha phansi komuthi. Bathi, "Wo! Ibalekile inyamazane. Ihambe isinda! Akusenani loku sekuyasa. Ukuba bekusekhona ithuba besizoyilandela size siyibambe."

Base behlukana ke kusemnyamana. Wayesethi lomthakathi owefuye impisi, Chake, madoda,

kukhona utshwala kwami. Nizofika nje nina ekuphumeni kwelanga. Nayi ngizoke ngifike ngiphe isilwane sami lesi ke ngiye kosibeka ehlathini, nifike ke, siphuze.

Behlukana ngawo kawo magama, kanti insizwa iyezwa. Kuthe lapha behlukene ngezindlela, nalo onempisi athathe eyakhe indlela, yehla insizwa yalandela lo onesilwane. Yamlandela eduze. Wathi esithela yayiqhamuka insizwa.

Wathi engena ekhaya yayingena insizwa. Wathi ~~ek~~ evala emnyango, yayikhuleka insizwa. Wathatha impisi le, engakayiphi wayifaka emsamo, wayimboza ngezithebe ngale kwezimbiza. Wayifulela wayifulela wavula ke yangena insizwa. Kuthe noma isingenile, wasithola esinye isithebe waya kumboza nangaso.

Yakhuleka insizwa yathi, "Au, mnewethu, ngomile. Ngizwile ukuthi kukhona okwenzileyo lapha kuwe ake ungiphangise mnewethu ngome kabi.

nempela ke abethele ukhanzana umthakathi. Iphuze insizwa. Iphuze ibeka phansi ixoxa. Ibabaza ubumnandi botshwala. Iphuze kancane kuze kuse. Alupheli lolukhamba. Iyaxoxa insizwa. Liphume manje ilanga. Bafike abantu beze otshwaleni. Bafike bagcwale indlu. Ayidlile belu impisi emsamo.

Manje ke, ibuthunge utshwala indoda. Baphuze abantu. Kuthe la ilanga selihlakaniphile, sekuphele amakhaza, nabantu sebeqala ukuxokozela, sebengenwa utshwala yayiqala indaba insizwa.

Yathi, "Ihulani ngixoxe madoda. Mina ngiyiphisi. Ngiya kwazi ukuzingela. Ngake ngashaya inyamazane. Yathi inje ngempisi yomnewethu njeya ngase ngiyiphethe ngewisa lami." Yasho ilithatha iwisa isukuma. Yathi, "Yathi la inje ngewisa ngempisi yomnewethu njeya, ngase ngiyiphethe ngewisa lami, dadethu!" Isho isondele ezithebeni lezo ilinganise ngewisa ithi, Yathi la injeya, njengempisi

yomnewethu nyeya, ngase ngiyiphethe!"

Uthe esenza nje, yaphuma impisi yaphulukundlela. Yawathela ngokudo amadoda notshwala yasho emnyango — kude kude ehlathini la ihlala khona.

Nomniniyo washo phandle ngejubane wayilandela.

Ahamba amadoda aya kobika enkosini.

Inkosi yaphaka impi ukuyovimbezela ngobusuku obulandelayo.

Bathi befika ngaleso sikhathi bethi bazovimbezela, bafika sekukhala ibungane. Abamazi nokuthi wabaleka washonaphi.

119.

Uma umuntu sekembonile ukuthi uyathakatha, babamjoja.

Kwesinye isikhathi umuntu agule. Kububwe. Kuzwakale ukuthi kantin uthakathwa ngubani: anukwe yisangoma.

Kuke sekusuka akanunzane beya kobika enkosini ukuthi nguye ubani lo onukwa yisangoma ukuthi uthakatha kithi. Inkosi ithi ha-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

mbani nimbulale nimlahle.

Kempela ke bafike bathathe izagila bamphohloze bamlahle adliwe ngamanqe.

Uyagala efa lo ogulayo, umthakathi kade ebulewe.

120.

Kanikwa thuba lokuphenduka umthakathi. Futhi kaziphenduleli. Uma nje esenukiwe unukiwe. Uyabulawa kuphela. Kathethelelwa.

121.

Uma umthakathi esebulewe, kuye kuthi abafana bakhe uma bebakhulu babulawe. Uma bebancane ba yiswe ngentla esigodlweni, baye koba ziggili khona. Amantombazana e nyiswe nawo aye koba ziggili. Abafazi kwesinye isikhathi baye koba ziggili nabo, kwesinye isikhathi babulawe.

Izinkomo zakhe zidliwe zidlelwe inkosi. Izimbuzi nayo yonke nje imfuyo yomthakathi idliwa yinkosi.

122.

Uma nje umuntu eseke wa nukwa, useke efile. Kanti kwesinye isikhathi umuntu bayamqa-

297 126 *

K 13/27

297 mbela. Nokoke kunjalo, inkosi ya yizwa ngandlebenye. Yayithi inga- tshelwa njalo ukuthi umuntu uya- thakatha, ingabe isabuza kuye ukuthi nempela uyathakatha na? Esikhundleni sokuba ibuze, izwe izaba zomthakathi, yayi suke iphake impi iye komvimbezela kuphela.

Intō nje kwakuye kuthi uma umuntu ezizwele yena ukuthi kukhona umuntu ozama ukuyomhlala en- kosini, esuke ahlome izinduku zakhe aye komshaya. Amshaye embuza u- kuthi usho kubani ukuthi uyatha- katha? Wake wangibona ngi- bulala bani? Ufuna ukungibulala ngenkosi? Uyangimuka?

Amshaye, amshaye, kungabi ndaba zalutho.

Uma ke ebengakayi enkosini esakhuluma ngomlomo, nje, angabe esaya komotha, kokunye. Abe seye- saba ukuthi usezwakele.

Iyaphela lapha.

End S. 297

Typed 15/9/39

ends 297

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

297 Ekhulekela indawo yokulala. bamngenisa. Kanti ummumzane lo, wagcaba uhlanga lokuthakatha. Kasalali nokumdaka usuku enga hambanga nje aye emzini womuntu aye kokuma, noba enga saloyanga. Adele nje eke wa phuma waya kokuma.

Wayenjalo ke lomnumzane— igama lakhe kungu Mahlamvu.

Manje ke, umbilongo bamendlalele khona lapha endlini la belele khona, ngoba nijazi isihambi asilali sodwa.

Sifike isikhathi sika Mahlamvu ukuba avuse umlilo ahlanganise imithi yakhe aphume aye koloya. Ibisivuka inkosikazi, ikhwezela eziko ithi Au! Usulele yini mntu wenkosi, athi umbilongo, "Cha, angikalali."

Ibisithatha isiqgiki indoda nesikhwama esilenga izimpondo eziningi ngaphandle. Iphume Ithi nga, ithi nja, ibuye ingene. Kanti iyathakatha. Ithaka imithi yokuthakatha. Ibuye iphume

improve, reason by slight alteration of word order, etc. (thakela?)

Ithi nya, ithi nya, ibuye ingene.
Ithi, "Usulele yini muntu we
nkosi?"
Athi umuntu, "Chabo. Kodwa
besengozela." Ithi indoda, Au!
Nami ngikhushwa yisisu yiko
nje ngiloku ngigqigqa emnya-
ngo." Athi umbilongo, "Au yi
loku ngikuzwa uphuma.
Ithi indoda Awu! Impela khona
manje sesingidonsisa kabi.
Angisho nokuthi kuzovuma
ngibuyele endlini. Usho nje
uphanyeka isikhwama ksi
sakhe uyaphuma.
Athi nya athi nya, avuke u-
mbilongo aphume athi uya ko-
Chama. Phandle kukhanya in-
nyanga kalufifi kukhona am-
fu.
Lapha eduze kwendlu kukhona
isigqobela segcwele ugwayi. Ku
khona futhi uphondo lwembuzi
luvinjwe ngesivimbo esicijwe ka-
hle. Kubekwe phezu kwesiggiki.
Umbilongo aphangele esigqobeleni
afice ugwayi ugcwele phakathi.
Abe sephangela ophondweni afice
isitaphu sensizi emnyama.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

abe sekhokha intshengula yakhe ekha ophondweni athele esiggobeleni; athi ndi ophondweni ngentshengula athele esiggobeleni, agovuze nga yo intshengula le yakhe, kwa chitheka okuchithekayo, loku no gwaji ubugcwele. 14/9/39

Waphinda okwesithathu wathi ndi ngentshengula ophondweni wathela esiggobeleni wagovuza. Wavala isiggobela wasibeka la besikhona. Wavala uphondo futhi walubeka la belukhona. Wabuye wangena wazilalela endaweni yakhe.

Lomthakathi wahamba washesha wabuya, ngoba kwakulixhwele lika gwaji. Manje ukhohlwe yisiggo bela sakhe esiggikini ekhaya, wa khohlwa yuphondo lwakhe lombulelo abezodweba ngawo emnyango banele bege njer ushaye ekhanda, bakhabe izingazi ngamakhala ba phele njalo.

Wasala ke wonke lomsebenzi womthakathi, wasala esiggikini kanye nogwaji. Kwaba kuncane ke ukuthakatha kwakhe ngalelila nga. Washesha wabuya. Ziche zi khala izinkuku zesibili wayengena

ekhaya.

Wayephangela esigqobeleni loku lixhwele waye wukha ewuthi hlwi. hlwi. Wathimula Waphinda waphangisa wathi hlwi, hlwi hlwi. Wathi Yethi.(ethimula) Wawuthi hlwi! Wathi yethi! Yethi! Yethi mayebabo! Uthimula njalo usesemnya ngo kwakhe.

Asho athi Yethi Maye Ngafa! Yethi! esho evula umnyango engena. Yethi Ngasho mina mfo kamva - Yethi! kwendlu, wensizwa! Yethi Ngafa yikhanda! Yethi! Maye babo! Yethi Ngipha - Yethi! njaniselwe ngubani? Yethi! Au Yethi! Kade nga-Yethi! ngangibabulala abantu! Yethi Ngafa! Yethi! Au! Yethi! Yethi! Yethi Ngafa yethi yethi! Yethi - - - - - - ! wa uya phela njalo.

Umkakhe usetatazele watatazela ebamba eyeka uthe ukuba abone ukuthi ziyayiyeka emqanseni, wadumala.

Umuntu lo uzihonqisa obudala kuzwakala engqongqa sengathi uhudula izikhumba.

Wayesephangela kuye umfazi omvusa avuke umbilongo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Athi umfazi Ayi Muntu wenkosi
ake uzokungibonisa nanku um-
hlolo ✗ Mmahlamoru nangu efa la.
Kade eye kothakatha! Ubuya se
ethimula ubala usekhiphe bonke
ubuchopho bakhe buphansi manje.
naye nanguya eqqashuka laphaya.
Ake uzobona. Kade ngangimtshela.
Ubeme umuthi wayeka ugwayi
isilima lesi! Umthakathi wezigodo.
Au! Ake ubeke usefile. Isilima lesi.

Abuke abuke umuntu athi
Cha, sengihamba mame ngibongile
indawo yokulala.

Athi umfazi, "Ayi muntu wenko
si sala usuhlala ungingawabise
umhlolo lo. Akunacala nje noba
efile, hlala wena. Mina ngizom-
ngawaba ngimthi du ngihambe
nawe. Sengizogana wena."

Nanso! Umbilongo! Ayi mama
sala, anginandaba nawe. Sala
aphume ahambe.

Wafike wayivoya nasekhaya.

Kwesinye isikhathi abantu ba-
wathatha enkosini amandla, uma
sebekhathazwe ngumthakathi. Ithi
inkosi mbambeni nimjoje egola.

Kwesinye isikhathi kuthiwe kuhle

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kubulwe.

Nempela ke kugazwe isangoma esidumile ngokubula ~~kwayo~~ kwaso. Ba sebeya kuso beya kobula. Sifike simnuke umthakathi.

Babuye, babuye qede baye kobikela inkosi, bacele umhlahlo. Ivume inkosi. Kunqunywe ilanga lomhlahlo. Baye bonke. Afike anukwe umthakathi.

Uma ebekhona, anyunde. Kuthi noma sebebuya angathandi ukuhambisana nabo. Anele afike ekhaya qede, aqonde indawo azo balekela kuyo, ngoba uyazi ukuthi konele kubikwe nje enkosini abe sezovinjezelwa abulawe.

Kwenele kuhlwe qede, ashaye achithe umthakathi nomuzi wakhe. Kuse sekukhala ibungane.

Noma ebengayile emhlahlweni bayofike bamncinze abebeyile, ukuthi unukiwe. Kuse eseshaye utshani, ngoba esazi ukuthi uzoje vinjezelwa abulawe nomuzi wakhe.

115

Yebo. Basuke bemazi umthakathi obaloyayo. Bathi beya

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

115

K13/27 297

kobula, babe sebemazi obaloyayo ngoba phela bamphawula ngo kwazi lowo abake baquzana naye. Lowo ke nguye umthakathi obekiweyo. Noma beya kobula ba gudle yena lowo ukuthi kanukwe.

116.

Manje, umthakathi unukelwa kwaSangoma somhlahlo.

Kucelwa umhlahlo enkosini ivume. Ikhipe noma amadoda amabili aya kozwela inkosi. Kuphume amadoda akuleso sifunda noma engamashumi amathathu.

Afike isangoma sesibodla, ngoba naso besesizwile ukuthi bakhona abezayo. Abe sethi lamadoda, "Zindaba zakho Mngoma.

Sebezohlaliswa ke endaweni ethile lapha kuzobulelwa khona. Be sesivunula ke isangoma. Sifaka iminqwambo yaso. Sithatha isiqunga sisilume, sihlafune. Bese siphephetha ishoba laso, naseza ndleni sikhwifa. (ngoba phela uphuphi isiqunga kwakungumuthi omkhulu wezangoma)

Besesiqala ke sibula sithi:-
Nize ngendaba -- Abantu bathi yizwa!
Kukhona umuntu ogulayo - Yizwa ---,
ukhwejelwe emnyango -- Yizwa Mngoma!
Ngumuntu wesilisa -- Yizwa Yizwa
Ayi ngowesifazana bo Yizwa Mngoma.
Uzonda ukuba ancishwa utshwala - Yizwa
Umkhwebele ngomdlebe - Yizwa!
Sengathi ukhona lapha umthakathi-Yizwa
Au! nangu ekhona bo! Yizwa.
Siqyuma kakhulu simshaye nge
shoba lenkonkoni emehlweni.
Kudume phansi izinduku
emadodeni. Athi Yizwa --!

Usenukiwe ke lowo.

Izintatheli zenkosi sezizohamba
ke ziphuma lapha kwalangoma
, lapha kunukelwe khona
umuntu. Ziqonde enkosini zeye
kobika kuyo.

Izozwa izwe inkosi, iphake
impi iye kovimbezela. Imbulale
umthakathi nomuzi wakhe
wonke.

117.

Isangoma simnuka ngokum-
shaya ngeshoba qede, simusho u-
kuthi ungokabani. Simusho no-
kuthi uthakatha ngenfene

297 noba ngembila; noba ngemvukuzane
; noba ngomkhovu; noba nge-
lumbo lensingizi; noba ngesi-
khova; noba ngomhlangwe; noba
ngesambane.

118.

Umuntu baBeye bamsole nje nge
zenzo zakhe, babe sebenyenya
beya komuzwa.

Omunye bamethuka khona
emhlahlweni ukuthi Au! kanti
ubani lo uyathakatha?

Omunye wa eye abe nempisi
ayihlalise ethala.

Owefuya amakati kuqala
naye kwathiwa uyathakatha.

Omunye abe yiloku ekhuluma
ngokwedelela, kubantu. Kuthi nje,
kancane-kancane- usemsongela
umuntu. Kanti konke lapho we-
nziwa ubuthi bakhe. Uphiswa
kuthakatha.

(1) Kwathi ukuze kube khona ama-
kati lapha eNatal, efuywa ngu
Ngebeshu noMphayi.

Kwaba yilowo waba nomhla-
mbi wamakati asithupha - asithu-
pha.

Lezilwane zahlala endlini nje,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

azaze zafihlwa. Kwaba yiloku zindonda nje. Zithi zingabona umuntu emile, ziye kozigudla esithweni sakhe. Kwaba yiloku ziphakelwa ukudla nje. Athi umuntu angahlala phansi, zisuke zihlale phezu kwakhe - zindonde.

Mfice ungebeshu eseziphulula izilonda zakhe. Kanti nomphayi ngale uphulula ezakhe. Bangaze baba nantloni nokuthi abantu bazothi yini le.

Kanti bayabuka abantu. Bakhuza okudala! bengawuhlanganisi umlomo, bebona abantu befuye izimpaka ezesabekayo. bengazifihli nokuzifihla. Lokunabefuye izimpaka babeye bazifihle.

Uwalo lwabashaya abantu, abazange baye nokuya ko ceba ongebeshu nomphayi enkosini. Basuke babona ukuthi, umuntu angafa ethunqa, eke wabika lendaba.

Kuhambe kwahamba zanda lezilwane. Baqala bazithenga

119 K13/27 297

kongebeshu nakumphayi. Lazifu-
ya zanda zaze zagcwala izwe
nje. Kuqala zazithengwa
noma ngembuzi nje. Kwaya
kwaya azabe zisathengwa, zaselwa
nje.

(2) Umlobokazi, uKasigweje wethweswa
ngunina impaka mhla echangazayo
. Wayifihla. Kuthe ngomhla a-
bakubo sebegodukile, waphuma
wabeka indawo entle lapho engayibeka
khona. Wayithola esitheni sama-
bele esabe sikhona nje ekhaya em-
zini wakhe. Wathatha isidiya sakhe
wayembesa impaka yakhe, wayi
beka esitheni samabele. Wayitshela
ukuthi ayihlale ingaphumi. Ngu-
ye oyoba yiloku ezoyipha. ayi
lande uma ebona ukuthi likhona
ithuba lokuba ingangena endlini.

Nempela ke uKasigweje
abe yiloku eyilanda impaka ya
khe, uma ebona ithuba. Abuye
ayibuyisele endaweni yayo, esitheni

Kuthe ngelinye ilanga lana
izulu. Kwagcwala amanzi esi-
theni samabele. Samethwa isidiya
sempaka, nayo yathi ayiminze,
loku ingangekati. Yaphuma ya

qhasha, yadinga ukuthi izokwenze-
njani. Ithe isakhohliwe nje,
yezwa bexokozela endlini, yase
ilizwa izwi lokaSigweje.
Kanti kuphuzwa utshwala.

Yahamba yema emnyango
yakhuluma yathi, "Ngitongena
enzini- Sidiyana titiyiyi, Sithana
sigcweye amadi!" Bangaze bezwa
abantu, kwazise ukuthi baya
xokozela bayaphuza. Iphinde
impaka ithi, "Ngitongena enzini-
Sidiyana titiyiyi, Sithana sigcwe-
ye amadi.

Wezwa umlobokazi, kanti uzwa
nje nabanye abafazi bayezwa,
laba ababehleli ngakuye. Waye
sephonseka emnyango eyithi
hlasi, eyishumeka ngaphansi
kwesidwaba sakhe. Wafika wa-
yifihla ngaphansi komthwalo
wakhe wamacansi, elawini. Kwa-
thi kusa wayehambela kubo
kanti uthuthumbisa yona
impaka yakhe leyo ebikade i
khuluma.

Abantu bamsola njalo lowo
mlobokazi. Bakhuluma ngaye
bemkhomba ngezithupha, kanti

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

"Yikhipheni phela leyo ngane yenu nibe ningethuka. Namo! Phulu' kungqu inyembane, selifile./

Usezidela evuma. Sekubikwa kumntwana. Useenikwa amakhosikazi, eya komephula emhlahla eweni, kwaphela ngako loko.

Uma umuntu ephingile wayedelela kakhulu. Edelela indoda yakhe edelela inkosi yakhe efuna ukwenza umswazi lapha kuphuma izimpi. Ethanda ukwenza amehlo amnyama emadodeni-izinsizwa- lapha ziya empini. Kanti empini awufuneki umlaza. Kufuneka abantu abahlambulukile. Owesifazana wayengavunyelwe neze ukuba edelele.

3

Umlobokazi ukagambashi Dlodlo, ende uNdabuko, kwadla izinkomo ensimini yakhe. Umlobokazi use shaya umfana. Umfana use -

baleka eye engena la kukhona
inkosi, umyeni wakhe. Usemla-
ndela umlobokazi eye emshayela
ngaphambi kwenkosi. Namo!
Inkosi yegcwalelana kuhle ko
mfula ungenisa. Usetshelwa
kuthiwa kaqoqe okwakhe.
Usethathwa yizimpisi ziya kom-
qongqela eweni. Zimkhalakathisel.
Kuthe lapha sezimthatha
izimpisi wayesethi qa, ake ngi-
nele ngisalinde intombazana
yami, isaye kotapha ibumba.
Nempela zalinda izimpisi, ya-
fika intombazana. Unina
wayeseyibophela icansi lakhe,
nezingubo, isithwala ke. Sebe-
fika qede eweni sebemqongqa
umlobokazi bemkhalakathisela
eweni. Sebethatha icansi nezi
ngubo entombazaneni bezi
yeliselaa nazo. Isizikuyela nje
ingane idabukile ingasenanina

kepha ingenakukhala, funa nayo ibulawe uma ikhalela isipho-
ţio esege umthetho saahaya i-
ngane kanti isibaleke yangena enkosini.

Ukanodlela emgazini, uba-
njwa nomfowabo ndoda yakhe
babanjwa oqotsheni. Bakhumule-
bo. Umfazi isidwaba usibeke
phansi. Indoda ibeshu lonke
nesinene salo kubekwe phansi.
Baphega amehlo kuphela. Baphezu
kwawo umsebenzi wabo lo wo-
kuphingana. Abasazi nanyaka
ukuthi kwakhiwe, kukhona
abantu.
Kuthe kusenjalo waqha-
mùka umnyeni woKanodlela.
Uqhamuka lapha esazenekile u-
kanodlela, elele amanqeshane
engibele ngaphezulu kumnewabo-
ndoda yakhe. Sebethi bezwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

sebezwa nje indoda yokanodlela isikhuza ilumbo, Sebegquma behlukana. Isibaleka indoda lisala ibeshu esikhundleni. Nomfazi usevuka ebaleka, sisala isidwaba.

Umnyeni lo usethatha ibeshu nesidwaba useqonda kumntwana useyilanda indaba yonke kuye. Umntwana usekhipha induna ihamba nomnyeni lo, beyo kothatha ubufakazi, bebonisana isikhundla lapha bebelele khona bebonisana nalapha bekuhlezi khona ibeshu nesidwaba.

Isibuya nabo ubufakazi induna. Umntwana esethi kabalandwe bobabili. Sebelandwa befika bevuma ukuthi bayalalana. Sekubuzwa owaqala lendlela. Sekutholakala ukuthi ngumfazi lo owagolomba indoda, wathi kayimsize ngoba

indoda yakhe kayimidelisi imyeka engakadumali. Futhi kayimbizi iqabuka nje imbizile. Kuthi noba imbizile isheshe imyeke engakadeli yena.

Kulawo makhulumo ako bobabili, ke baphingana ke.

Usebanjwa umfazi ebhoshwa imilenze ngezinqotho, bemeneka. Sebekha inhlaba (njengokuyalwa kwabo umntwana) bemkhuhla khona lapha ngaphambili kokwakhe loku abeganga ngako, ngoba nako uyalunywa. Wakhala wakhala umfazi, emphethe amadoda emkhuhla ngenhlaba, wakhala waze wafa esekhalisa okwesilwane; eboshwe ngezinqotho.

59

Intombazana kaMhulugwane umfo kaMaphitha Ndabezitha, yoniwa yisoka emfuleni liyiphoqa

yakhala, yayobika kuyise. ne soka, uNdlamlomo, nalo, lababeka kalaze laya ekhaya. Abakubo ntombi bayiqhube bayiyise kubo kasoka. Ihlolwe. Ifunyanawe ingonakele futhi ingemithi, kepha eyiphoqile.

Abesethwala icala ke uyise womfana, engena esibayeni eshaya inkabi enkulu leyo ezokhethwa abazobika intombi le ephoqwe yisoka emfuleni, ayihlawule ayithi du kubafowabo.

Basebeyiqhuba inkomo, befika beyibulala emfuleni bekhipha umswani begeza ngawo, bayishiye phansi bahambe baye ekhaya.

Inye yemithe kepha ingonakele. Kuthiwe kwehlele ithonsi. Isithwalwa ngoyise njalo, beya koyiganisa ekhehleni abalethemlile ngoba yenze umhlolo ongenziwa ezweni: ngoba inxa njalo

intombazana yemithi kwa-
kungumhlolo.

Ibike, kukhulunyelwe pha-
nsi, kube zethukiwe. Kube
sekusuka izinsizwa ziya
kovimbezela, zibulale gula
linamasi, ziphuhluze. Zikhe-
the inkomo ebukeka kunazo
zonke esibayeni, zijishaye, i
phume ngesango. Ezinye zibe
zeqa uthango zigijima zi-
qonda kulezo eziqhuba inko-
mo.

Kube ukuba zifike nje em-
fuleni zijigwaze, zijiqhaqhe
zikhiphe inyongo zizithele ngayo
zishiye inyama idindile, zizi
hambele. Sekoze kuqhamuke
izalukazi ezingasozali ziye ko
zidlela inyama leyo.

60

Amantombazane wona a eye
aqonde esokeni ehlubule ncwe.
A ngoba liwethukile, lawenza
umfazi walo. Afike ephophoza

297 K13/27

izinyembezi, ethukuthele ephele acishe ukuzithathela esokeni. nalo linyokozele impela. Li fike esibayeni lishaye imbuzi enkulu.

Ayithathe aye nayo emfuleni ayigwabe ize ife, ngamatshe. akhiphe umowani, ageze nga wo, asuke ahambe ashiye phansi inyama.

Kwasho indoda uJwaphuna wathi, "Sasazi ngani ukuthi amantombazana ayamitha? Abafana abasahlobongi, sebephisela nje."

Usho njalo nje uJwaphuna ungenelwe yicala. UTokothi umfana wakhe ungene necala. UPhoqe intombi yakwa Ndabezitha emfuleni. Intombi yakhala yaze yafika kubanewabo ekhaya.

Zaunufohla umuzi wakwa–

Tabatha,

mbatha izinsizwa zakwaNdabe-
zitha zeqa izintango. Zathuku-
thelela phakathi ezakwaMbatha
izinsizwa, zingasenakuthini,
zonile. Yilapho ke la kwakhu-
lumela khona ikhehla uJwa-
phuna Mbatha, ekhuluma la-
magama.

Ubufebe[62] lobu obukhulu ezweni
bufike nabelungu. Kanye no-
buqili besibindi esibi, nemithi
emibi yokuba intombazana
yonakale qede - ifune umuthi
ikhiphe isisu.

Kwakungekho[63][64] loko kwa-
mahamba ehlala ngoba zazi
hlolwa. Leyo emekezileyo iya-
konwa, kuyiwe kubo ka-
soka, kuya abanewabo ntombi
nezinsizwa zakubo ziya ko
landa isephulo nenkomo ka-
nina, umqhoyiso. Lenkomo yayi
landwa ngenkani yodwa/inga
celwa. Ngoba naye umfokazi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

uyidle ngenkani intombi wayi mekezisa ewazi umthetho ukuthi avuvumile.

65

Yayimusho intombazana umuntu oyonileyo, naye engenakuphika.
Kanti futhi, kuqala impela, kwa kuthi intombazana inomyeni olobo-la ngezinkomo, kuke kukhona isoka eliyisigibekelo (isidekiselo) okuyilona lizovunuliswa ke. Umyeni kuke ngowezinkomo. Eze ngomthetho engoduswени. Kuthi lapha efika kukhona isoka elincane, isigibekelo libaleke limhloniphe kakhulu.
Nalo lidle ngendlela, lihlobo-nge impela lingamoni umntano-muntu neze.
Indaba yesidikiselo ngizo-buye ngiyilande, yinde kakhu-lu.
Uma onakele, wayesho impela kuvinjezelwe kubo kamfokazi, nay

ithwalwe iyoganiswa ekhehleni elethembekile ingaze izalele ekhaya. noba yoniwe yisidikiselo isho noba yoniwe ngumyeni isho, kodwa kube uyalile ube se yethwalwa yendele kwabanye. Kepha kungandile loko.

66

Phela kwakungakhulunywa nje nempela. Uma intombazana yoniwe ngumuntu noma bevumelene, noma eyiphoqile, ubengayeneli. Ibithwalwa iye kokwendiswa ekhehleni elethembekileyo. Kuthi leso siphoxo esimphoqileyo, noma behlelwe yingozi bethi bayahlobonga ke, sihlawule inkomo yesaphulo ezo gwazwa zinsizwa zizigeze ngayo. Izintombi zilande imbuzi zizigezobe ife zikhiphe umswani zigeze ngawo. Isiphoxo leso futhi sikhiph inkomo yomqhoyiso (ingqguthu) ngoba siyimekezisile intombi sa

yenza indlela. Umyeni akasazi ku-
zwa bumnandi yena bokumekezisa
manje. Ngakoke lomuntu owenza
lobu bubi uzoyishaya lenkomo
yamakhosikazi. Ibulawe idliwe
yizalukazi ezingasazali, ngoba
uma idliwe umuntu osazala
kuzoba umkhokha, abantabakhe
banakalele ekhaya nabo.

Kuthi ke uma kubonakala
ukuthi umfana wone intombi
nje wehlelwe yingozi, ubeqonde ngo
kuyithatha, ahlawule lapha se-
zeqa uthango lwakwabo izinsizwa
zakubontombi zize ngengane ya
kwabo yonakele, ahlawule u-
yise womfana, loku phela yena
usebalekile akaseko lapha. Ushiye
eyilande kahle indaba yakhe yonke
kuyise. Washo nokuthi intombi
uyayithanda. Angashada nayo
uma engavunyelwa. Abaleke ke.
Bathi befika abasemzini abe enge

kho.

Balwe, balwe, abafana bahambe. Kufike izintombi, nazo zilwe zilwe zinikwe imbuzi zihambe. Kufike omame, nabo balwe balwe banikwe inkomo yabo bahambe.

Kusuke amakhehla akubomfana aqhube izinkomo ezigede ilobolo. Aziqhube aye kubo kantombi nazo. Afike ashweleze kakhulu impela. Asho ukuthi nawo ehlelwe umhlolo nje ukuba umfana one kanje. Intombi le baya yithanda ukuba iye kobabasela umlilo. Abe sezigabuza ngemibala yazo ke - esho ukuthi size nesithole esinco; neduna elinhlamvukazi; nenkabi ewaba; nenkomokazi elunga ehamba nomvemve olunga; nejongosi elinkone; nezibulikazana elimvubo mabele; nenkomokazi esifakile, emnyama; nesithole esilunga; nenkabi emqunga

nenkomokazi empemvukazi.

Asezothula amakhehla asemzini, abayeke beme emnyango. athume izingane ziye kobiza amakhehla asekhaya. Bakhulume bakhulume, bemise izwi like linye elizokwenziwa.

Sebezothi ke, "Takani izinkomo esibayeni ningene. Bakushonje loko sekade bethe abaphinde basho ukuthi beze ngani. Sebezo ngena qede bahlale. Kukhulunywe ke, bethetha abakukontombi bethi, "Nani ninaye ke nomfana? Isiphoxo lesi? Bathethe, bathethe.

Sebezoshweleza kakhulu abakubo kamfana. Bakhulume bezwane qede, kumiswe ilanga lokugcagca. Isizogcagciswa ngonina. Ngoke zisaya izintombi.

Sebezoyibeka babuye beyishiya nayo inamanyala okudelwa ukuthi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ifike ingasegcwele emzini.

Noma engayona ayithathe intombi umfana, udlula ashaye umqhoyiso, inesaphulo, nembuzi yokugeza intombi; anduba akhiphe ilobolo.

67

Ingane le ezoyizala ngeyakubo la ezalwa khona lomlobokazi. Kube kuhle kuyintombi yikhona izothi ingagana, bathole izinkomo.

Uma uyise eyifuna ingane leyo wayeshaya inkomo engaphandle kwelobolo/athenge isisu — noma athenge ingane yakhe leyo, isencane.

68

Izinkomo lezi zesaphulo ezihlawula ukwemitha kwentombi zazingefuywa ngoba kwakuthiwa zizoshamela emqukeni wezinkomo zakulowo muzi qede kube sekungena umkhuba wokumekeza nokumekezi

kubantwana zibe seziba um-
khokha wokuhlawula amasala
izinkomo zomnumzane.
Lezinkomo phela ezishayelwa
ukumekeza kwomntwana, nge
zikayise. Isaphulo sigeza umuzi
kayise. Umqhoyiso ngokanina
ugeza unina. Imbuzi igeza
izintombi.
Yonke lenyama idliwa yi-
zalukazi. Umuntu osazala a-
ngeze ayidla ngoba ingumkho-
kha. Sezingamekeza zimeke-
zise zonke izingane zakho.
69.
Intombazana yayonakala
kanye, yethwalwe iye kokwendi
swa ekhehleni elaziwayo, isihla-
wulwe yaqedwa, ihlawulwa yi
sonakali leso esiyonileyo. Yayi
ngaphindeleli intombazana ye-
mitha kuze kube kabili kube
kathathu, abelungu benga
kafiki. Yayingabulawa.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Lokonakala okungakâ ezweni,
kufike nesilungu sikafebana,
esifeba sethembe ukuthi izosivu-
nâ jinkantolo; yize ijele kubosh-
a izinguko; kukhululwe umuntu
azisebenzele njengoba nasekha-
ya ukhululiwe umuntu uyazi
sebenzela.
Uma intombazana iphinda yo-
nakala kwaMalandela, kwakuke
iyalunywa, ayigwetshwanga, ine
sigwêba (Phela izingane zamanto-
mbazana zazithi lapha zinezi
nyanga minyaka emithathu noba
emine, ziguwetshwe. Kwakuye ku
be khona izinyanga zesifazana
ezazithatha umntwana lowo zim-
gubuze kuye ngaphambili, kuze
kuphume igazi elibi elimnyama
lobufebe, kwenzelwa yikhona
igazi lingazi kumhuma la ese
khulile
Lentombazana eyayemithela

futhi, yayiboshwā ingezintāmbo
yenekwe; kuthathwe izintā-
mbo zišoshwe yenekiwe ibe se
ikhuhlwa ngenhlaba ngapha
nsi ize ikhalise okwesilwane
ife." Bathi ke bayayenwaya
ngoba iyalunywa.

Intombazana[70] kuqala ibikhishe
kwa umqhoyiso, uma isonakele. Ikhi-
shelwe inkomo yesaphulo. Ikhi-
shelwe imbuzi yokugeza izintom-
bi. Lempahla ibiphuma ka-
nye lapha kwelakithi, kwa
Mahambehlala.

Kepha eMamhondweni[71] nase
zindaweni ezizwana nomoya
wesimpondo, intombi ayipheli:
amampondo ayanyobisa ngezing
anezawoezingamantombazana.
Intombi ifike iqome lo, qede, anyobe
Ibuye imale iqome lo, futhi, naye
anyobe, njalo, nje.

Kuze kuthi noma isingumfa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

zi, izohlala ihlala emzini, ibuye ivakashele ekhaya, ike iye kodikaza. Uma isifike kwabake la izalwa khona, se izoba yishawe. Ibe se iqoma isoka layo elisha, laziwe ngabazali. Linyobe ke kubazali bentombi le yabo, ebuye ekwendeni yazoba lishawe ekhaya. Linyobe ngenkomo, noma ngempahla eqede inkomo uma kuzimbuzi noba kungamagusha.

Selizoloku lifika nje, nangasiphi isikhathi lizolala elawini entombini elishawe.

Kuthi ke, noma lelishawe lisanyotshelwe, libuye liqalise futhi lingafihli. Nalelo soka nalo lifike linyobe njengelinye. Impahla leyo idliwe ngumzali weshawe. Liqalise ke ishawe noma amadoda alo engangawezinja, azonyoba onke. Athi efika

umyeni elilandile lelishawe elazo-
dikaza, alilande selimnothisile
uyise ngomcebo onyotshwa ama-
soka alo.

Uma umyeni elibamba leli
shawe lakhe elibamba yena
mathupha, lilele nomuntu, uzobi-
za inkomo naye anyobise ngom-
kakhe.

Lomkhuba akusiwo owesizulu
neze. Yisimpondo lesi. Kwa
Zulu umuntu wesifazana wa-
ziswa kakhulu. Naye ngemvelo
uyazihlonipha kakhulu.

72 Ukuphinga.

Indoda kwakuye kuthi uma
isola ukuthi umkayo uya-
phinga, ithule du, ingambuzi,
ngoba isophe ukumbamba.

Kuthi ngelinye ilanga ibophe
imithwalo yayo ihlabe imbuzi ithi
umfazi kayenzele umkhusu (ikhuthu)
iyahamba iya endaweni ekude iya

Kokwenza khona umsebenzi othile ozophela noma emva kwamasonto amabili.

Lifike ilangapbelo ibophe isiggiki negudu nenqubo ecansini iphume ihambe isivalelisa kahle kumkayo yantshela nesikhathi eyobuya ngaso, nokuthi aze ayihlinzeke ngotshwala. Iphume ke ekuseni kakhulu ihambe yenzela ilanga ukuba lingaze lishise kakhulu ingakaphumi ekhaya kanti izohamba indlela inde.

Ike isilala endleleni noba zinsuku ezimbili. Ngolwesithathu ibuye ebusuku iye kwayo. Uma nempela umfazi ephinga, izoyifica indoda leyo aphinga nayo isisekhaya kwakhe ilala nomkakhe khona ngoba yazi ukuthi uhambile.

Uma efika, uzovula umnyango angene (phela izibuko azikho noma nyango munye).

Phela uyakwazi ukuvula indlu
yakhe noma ivaliwe ngoba ya-
khiwa nguye.

Uma emqungele uyamgwaza
uyamjuqa. Uma emcwengele
uyambamba uvusa abantu
uyambika kumnumzane. Liyathe-
thwa. Kuyabuzwa kumyeni u-
kuthi uthanda babulawe yini.
Uma umyeni ethanda athi ka-
buyise zonke izinkomo zakhe eza-
lobola isifebe athathe isifebe sakhe
ahambe naso. Yena asale aganwe

Umgwegwe wake wakwenza-
loku. Umkakhe emsola. Wabophe
wazenza ohambayo ngempela.

Nempela wahamba amasonto a-
mabili ke yena wabuya la ku-
dliwa ukudla kwakusihlwa
sekuzolalwa.

Uthe lapha esabeka umcengezi
wegcwele isiphuphutho sezindlubu
phambi kwesoka lakhe, loku phela

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

seliyaye lifike nje la kuqundeka amehlo. Lifike lihlale endaweni yomyeni liphakelwe emcengezini womyeni.

Namhla ke, lithe la lisathi lithatha ukhezo lomnumzane li thi liyakha, lezwa, emnyango, gudlu, "Vula KaSigweje ngingene." Mamo! Lesukisa okwentlamvu yesibamu laphonseka/emsamo, langena phakathi embizeni enkulu eye yenzele utshwala mhla inkosikazi iphisile.

Wangena umnumzane wa hlala. Yambingelela inkosikazi ibuza ithi wayengasayalezi yini ukuthi uyeza imhlinzeke. Nayo yaphendula nje yathi, cha, kusuke kwathi kabuye nje wezwa ese-khumbule ekhaya wayesehamba njalo, kabe esayaleza.

Njengoba bexoxa nje, nansi ingane kaMagwegwe ihlezi lapha eziko, ikhulima yodwa, ithi,

Kazi wena ndoda esemsamo uyodla nini, loku ubaba ungene qede wakuyeka ukudla kwakho. Kazi wena ndoda esemsamo uzophakelwa phi? Loku ubaba uzophakelwa emcengezini wakhe. Kazi wena ndoda esemsamo uzolalaphi? loku ubaba uzolala lapha, umama alale lapha, mina ngilale lapha Wena ke ndoda esemsamo uzo-lalaphi? Ngiyabuza bo! Ngithi kazi wena ndoda esemsamo uzo lalaphi?"

Ingane yayiphindaphinda lendaba yayo iyikhuluma, yodwa baze bathula balalela oyise no-nina. Kuthe nje lapho esethi uyaphendula uyise wengane, se-suka esinamathambo! Gulukudu indoda esemsamo! Yesuka nayo yonke imbiza, yasale iphahlazeka phambi komnumzane, yayiphuma nesivalo sonke. Basala bekhere

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

imilomo.

Kwasala kukhuluma ingane ithi, "Nanso ke indoda esemsamo icishe ibulala ubaba ngembiza. Ibona ngoba izolala embizeni ubaba alale endaweni yakhe. Loku phela yiloku ahamba ubaba yona ilala endaweni yakhe!

Indoda yamangala kummumzane ngomkhuba owenziwa ngu Kasigweje. Wabuzwa, wavuma yathi isifunwa indoda yake seyeqe yawela uThukela. Kwase kuyiswa umfazi lo, ebikwa imikhuba yakhe kuyise, kubizwa izinkomo ezamlobolayo, zibuyiselwa kuMagwegwe, echitheka njalo uKaSigweje.

72 Ukuphinga.-

Omunye uyaye athi uma emsola umkakhe ukuthi uyaphinga aye enyangeni kokhendla umuthi

wokûcupha indoda uma iza ku-
mfazi lowo izophinga.

Athi uma efuna intō yamehlo
amenzele. Kwesinye isikhathi
inyanga imkhendlele umuthi azo
ngcaba ngawo. Kwesinye isikha-
thi azomphuzisa wona. Kwesinye
isikhathi inyanga imkhendlele
nje umuthi azowugcoba kuyena
abe selala nomkakhe kube kuphe
la.

Abe senqukuzela ke umfazi ethi
uya kophinga, ifike ibajwe indoda
leyo.

Kukhona iqondo lezintwala ze-
ngulube ezimila ngaphambili
ezinzeni zinamathele esikhumbeni
nasemakhwapheni nasezinkopheni
nasemashiyini nasekhanda.

Kukhona iqondo lez lenja
lapha benele bahlangane qede,
kuthi loku kwendoda ephinga
umfazi ngako, kungene qede ko

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

297 komfazi kuvuvukele ngaphakathi kokomfazi. Ithi lapha iqeda ukum-nandi kayo indoda isithi iyaphuma, kuthi nqqi. Ithi lapha ithi idonsa ngenkani kube ku hlungu ikhale izinyembezi nomfazi akhale izinyembezi. Kuze kuse behlukule uma bekephingana bengaqqokile. Kuze kufike abantu bababone kuyiloku behlangene.

Kukhona iqondo lembila. Leloke liyavuvukisa, kushone amasende phakathi. Kugijime izinso. Kukhuphuke amasende afune ukuphuma ngomlomo, ngaso leso sikhathi. Kucime inthliziyo, uma engaphuthunywanga, aphele nya.

Kukhona iqondo likakalukuni. Leloke, kuba ukuba bahlangane nje, kusuke kweluleke umthondo ube mude, njengoba ubona owe njomane noma owembongolo uma isaweluhile. Loku kweluleka kwawo

K13/27 . 40 297

~~tohadkpa~~phathi kahle umniniwo ngoba u-
~~zw~~ ukukhungu obukhulu obum-
qeda amandla emithanjeni yomzimba.
Engasaphuthunyiwe angafa nokufa.

Kukhona iqondo lebulelu. Leli
ke liyisilumo. Banele bahlangane
nje, alunywe, ahlanze khona lapho
esikhundleni. Kugobe uvalo kuthi
kaphelele khona lapho. Bengasam-
phuthumanga, uyagqashuka njalo.

Kukhona iqondo lentshebe.
Benele bahlangane nje, imile nga
so leso sikhathi intshebe ihlume
yelulele ize ithushe phansi. Ku
khathale umzimba wonke kum-
cime umphefumlo. Bengamphuthu
mile uyafa.

Kanti ke futhi izelelesi lezi
zazinye zithi ziphinga nje, zibe sezihla-
kaniphile. Ziqale ngako ukufuna
imithi ziyikhendle ezinyangeni
yokuzivikela. Iyaqala indoda iya
kuphinga umkamuntu, isisazi

ENCIS Nº 10 297

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

10 JUN 1939

297

ukuthi izelaphe waze wazigoma ukuze kuthi noma umnini Mfazi ebemthiye kangakanani, nanga yiphi inhlobo yokubajwa, afike eqinile angalimali.

Lokukufa kwamadoda efela esi-fazaneni, kwakungafihlwa. Lali ngafihlwa neze iqondo, neze, neze. Kwakuba yikuba ubajwe nje, uma idlozi lakini lenze umu-sa, awaze wafela esikhundleni kufanele uvuke lapho uhambe. Kuthi indoda yokuqala ohlangana nayo, uyitshele ukuthi, "Ngibajiwe ndoda kuhamba kanje kanje egazini."

Kwesinye isikhathi yena lomu-ntu, uwuphethe, abe sekuphuthuma njalo, sekwethuka ukufa loko, ngo ba kwelapheka kalula njengoku ngena kwako uma kuhlangene nomuthi wako.

Nasekhaya usho nakumkakho

Begins № 2 297

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

noma yikukafowenu. Kuzothi uma bengenakukuphuthuma, bakuyele enyangeni ikuphuthume.
Kepha kukhona abanye a baye besabe ihlazo beduse ukufa, balifihle iqondo, bakhombe nje nasekhanda, kanti kusesinyeni. Bangakugaguli ngokuthi ngilale nomkamuntu ngavuka sekubuhlungu ekuthini.
Bonke ke labo abangazidaluli bayafa bembelwe ngempela.
(UMhlaselwa wathiywa ngu Mbilongo kuNomabayidi umkake ngeqondo lebululu. UMbilongo kwa kuyiloku esola sengathi umkakhe umdlelwa nguMhlaselwa. Walithenga enyangeni leliqondo lebululu. Waya uMhlaselwa kuNomabayidi. Kwabe uzithelile. Uthe esathi nje, Kwakhuphuka into. Kwaqala kwathinsi emthondweni kwashaya esinyeni, kwadonseka inkaba.

novalo wahlanza wajuluka waba manzi. Kwase kugoba uvalo khona lapho.
Kwafika inhliziywana encane emkhumbuza ukuthi kahambe azibike emadodeni.
9/8/39
Wamshiya umfazi, wahamba ezihudula, ehlanza. Wafika engekho umfowabo ekhaya. Watshela umkakhe. Phoke! Abafazi! Wathetha waze wakhihliza amagwebu esho ukuthi, "Ehene! Ake kube njalo! Mina angithandwa! Ake bakucuphe ke nabanye kubafazi bako!"
Esikhundleni soba ayiphuthume indoda yakhe ifa, ayibizele umfowabo aphuthume inyanga. Yena ke wafikelwa yisikhwele, kanti kwakungesiso isikhathi sesikhwele leso.
Laze lashona ilanga eginggika edliwa yinyoka ngaphakathi

ehlanza, esehlanza nenyongo, ese khonya ubala nje. Kwaze kwagoba umhlandla novalo lwakhe.

Kuthe la libantu bahle, wafika umfowabo kaMhlaselwa. Wafika phezu kwesidumo. Waphu thuma izikhwama zakhe wamkhothisa, wamphuzisa, wamgcaba, wamncindisa, wamgeza. Kwa phika ukufa. Loku kwase ku hlale kakhulu ilanga lonke ku mudla.

Wagijima umfowabo khona ebusuku, walanda inyanga. Yafika. Yathulula. Lapho use-zibula nje uMhlaselwa. esekhonya ubala. Izibongqa nje. Egobile. Sengathi umhlandla lo sewephuke phakathi, loku se loku egobile nje.

Yathulula inyanga. Yenza yenza ngokwazi kwayo, wa hlanza uMhlaselwa wahlanza

igwebu elide elingangenyoka qede waye sezilanda.

Wayitshela inyanga ukuthi ufele kumkaMbilongo.

Yathi inyanga, "Ha! Ulukhuni ngoba awufelanga esikhundleni, yimi engakhendlela uMbilongo lowo muthi. Nga-wuthakela ukuba angadabuli, angaphenduki, afele khona esikhundleni, lowo ophinga nomkakhe. Kepha ngangingazi ukuthi nguwe Mhlaselwa."

Yabuye yathulula futhi inyanga. Yamelapha impela waze wasinda. Kepha se-kuphele iminyaka emibili.

Kabange esalulama thwi lase limdle umfonkolo womgo-godla. Wasale eseba yinkubele ehamba* ikhokhobe.

Azibonge ke uMhlaselwa athi Ukufa kwensizwa yibuqhashaqhasha

297 46 K13/27

Ukufa kwenhogu yubupatalala!"

73

Uma indoda ibamba umkayo oqotsheni, igwaza indoda iyijuqe ishiye umfazi asale ethetha icala. Ufakazi womnini mfazi yilendoda efele eceleni komuzi womnini mfazi.

Uma sekuthethwa icala wa yengaze angaba naso isibindi umfazi sokuphika. Avume ukuthi ubephinga nalendoda. Kube sekulandwa uyise wo-mfazi kuthi we kazolalela indo-dakazi yakhe ilanda.

Athi ukuba ezwe kahle konke naye aphele amandla. Kube se kukhuluma umyeni womfazi ophinga leyo kumkhwe wakhe ebika uku-dabuka kwakhe loku umkakhe wamlobola emthanda, manje ke usemdumazile. Kamenzi ndoda ngakoke sekufanele athathe intombi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

yakhe ahambe nayo, abuyise izi
nkomo ukuze naye athole uku
lobola enye intombi naye aganwe.

Angabe esaba namandla umkwe. ayitohele ukuthi ayi thathe impahla yayo bahambe. nempela ke bahambe. behamba namadoda amabili noma ngamathathu azofike abuye nezinkomo.

Ophingileyo uyabulawa noma kungaba ngumfowabo myeni, noma kuyisihlobo somyeni, noma kungumuntu nje olukhuni, ngoba ayikho indoda elobola idili lamadoda onke.

74.

Uma ukuphinga kwehlakele kwesinye isikhathi iyethukela indoda, la ibanjwa. Ibaleke ishiye nebeshu 'layo esikhundla ndleni ngoba iyazi ukuthi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

yenza icala elibi elilingana no-
kufa. Ukudla umkamuntu
yikufa ngoba ma ubanjwa u-
ngabulawa. Ngakoke, enye, inele
ibone nje ukuthi yabanjwa, i-
phunyule ibaleke ishiye konke.
Yomfazi abaleke ashiye isidwaba
noma esazi ukuthi kasayi ndawo
uselingenwe yindlela noma u-
kufa.
Indoda yomfazi isizobikela
umnumzane. Umnumzane a
qoqe onke amadoda anawo ekhaya
awabonise ibeshu leli nesidwaba
lesi, ukuthi ngokukabani. Ba-
kubone ke nempela.
Abe sethuma izinsizwa ziye
kubo kaselelesi, ziye kobika
kumnumzane wakubo okwenzekile
zimcele ukuba eze namadoda
akubo kanye neselelesi kuzokhulu-
nywa ngelanga eliyikuthi.
Naye ke umnumzane lowo uze

sifuna asithole isiphoyo sakwakhe abe sefika ke, sekubuthene lamadoda abamenyiwe.

Ayibike ke umnumzane indaba yonke, njengokulethwa kwayo kuye. Asikhiphe isidwaba nebeshu njengokusala kwawo ~~ensimini~~ esikhundleni.

Usezokhuluma ke umnumzane wakubo kaselelesi ashweleze kakhulu, enxusela ukuthi kangabulawa, kakuhlawuliswa bavumelane ke ngokuthi uzohlawuliswa.

Abe se buzwá ke, naye avume, ngoba babungakabikho lobuqili obungaka kuqala.

Abe seshaya inkomo yo kuhlawula icala lakhe. Nababakubo mfazi bakhona phela. Abe sevuma nomfazi evuma nesidwaba sakhe leso esibanjwe esikhundleni.

Kuhe sekuthiwa kathathe okungokwakhe ahambe nama doda aye kolanda izinkomo eza-lobola umfazi lo ophingileyo. Yena ke umfazi kube usezichitha yena ke emendweni wakhe. zibuyele kumninizo izinkomo aqonde enye intombi ayilobole ngazo lezo nkomo ezibuyile.

75.

Umthetho uthi umfazi kangaphingi ngoba waphuma ethengwe ngezinkomo. Kufanele adliwe yindoda yakhe yodwa.

Kanti futhi indoda kayingaphingi nomkamuntu, ngoba iphambanisa ukwenza,

Kulula nje iganwe indoda iganwe sithembu, ngoba indoda ayipheli, ingabathatha nje naba fazi abalishumi bewe kude, yenelise umkhuwele wayo.

Namadoda ayengebukekhali ka-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngaka kuqala. Ayengawenzi umlaza. Ngenxa yezimpi, ngoba uma enza umlaza, azokwehlulwa empini. Ngakoke, nomfazi ochanguze kahle nje, wayengenakuyiphuthuma indoda yakhe ngaso sonke isikhathi/ njengokuthanda kwakhe. Izama naye ukungayenzeli umnyama empini. Ngoba ukuzingcolisa ngomuntu wesifazana kakhulu, kuyisulubezi empini. Kungumnyama. (Njengoba ngomthetho wakithi omdala kuyaye kuthi uma kulahleke into encane ifunwa, yejwayele ukutholwa yingane yona isenamehlo amahle. Kuthi ke uma umuntu omdala, noma ngowesilisa noma ngowesifazana uma efuna into engayitholi, kanti isobala nje kube sekungena noma yingane izomfunisa. Ithi isangena nje

ithi nansi. Babe sebethi aba bukeleyo, "Wabekani wena?" Loku bakusho kulo omdala ofuna into ikhona angayiboni. Yisiga leso sokuthi, "Wabekani? Noma Wabonani? Esisho ukuthi uma ungowesifazana, walala kakhulu nendoda waze wa yibuka amasende ayo akubangela ummnyama emehlweni awusaziboni izinto obe kufanele uzibone. Uma uyindoda, walala kakhulu no muntu wesifazana waze wambuka ingquthu yakhe ngamehlo yaku bangela ummnyama emehlweni, awu sazibona izinto obe kufanele uzibone).

Yebo kwakungumthetho ukuba uma umfazi esebanjiwe, amdalule umuntu aphinga naye.

Kwesinye isikhathi abe namahlo ni okuvuma umfazi. Kukhulume ingane ke, ngoba ingane yona izofana noyise. Babe sebemvumisa

ke, avume naye.

77.

Kwakungekho ukubunguka kuqala. Izwe laliyisiggqibe. Lwalunga welwa uThukela. Indoda ibihamba nje iye kokhonza komkhulu. Nezinyanga zazingakabi ziningi kangaka. Ngakoko kwakungandile ukuba indoda iphume ekhaya nje izule ishiye umuzi wayo.

Kwakuthi uma ingayile kokotha ibandla, ibe sekhaya indoda. Kwakukuphi laphaya? Ho! kwakukoba-bambeni bayekeni. Umuntu wayehlala elindwe yuvalo lokuthi uzovinjezelwa nangakuphi ubusuku.

Indoda yayingaze ingabunguka ishiye ikhaya layo nomuzi wayo.

Kanti futhi izinyanga zazihamba zona, ihlale amalonibolomb ekwelapheni. Omunye umfazi

aze ayidikile agange ebona ihambe ingasabuyi. Uma ifika umfazi esephinga, kube kubi kabi. Kube yicala njengecala lowo muntu ophinga umkaenyanga amhlawule ngempela.

Futhi ngamakhosi abantu ababekhathaza. Babe nabafazi abaningi babuye babe nomdlunkulu.

Okunye kube yimbuqe nje kuyigciine indoda mhla kufikayo kube sekudliwa ngumphakathi nje, ozoloku ufohla uthango ungena uzophinga.

Kepha uma eke wabanjwa nje umuntu, kwakuthi uma engabulawanga kuthethwe icala njengecala. Ahlawule.

78

Phela ukuphinga kwakuhlawulwa ngenkomo.

79

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Uma kwakuye kuthi uma indoda ihlushwa ngumkayo ephinga, nayo imthanda, ingafisi ukumchitha, imyele enyangeni. Inyanga imenzele umuthi umnumzane lo ohluphekayo.

Kwesinye isikhathi imenzele ikhambi lesidina. Afike gede ekhaya. aphonse ngalo umkakhe. Kube sekuthi ke esemphonsile, ahambe ethi uya kumngani wakhe. Ba nele bahlangane nje, kunuke. Ifele amathe inkosikazi inxaphe imbuze ithi Hau! usuzelani? Naye athi Hau! Wathi yini engisuzayo ingantinguwe nje ongasindabanga u phuma konya unuka amasimba? Isho ifela amathe. Baththisane bacishe ukulwa umfazi athi angikufuni uyanuka, unuka amasimba.

nendoda ithi angikufuni uya nuka unuka amasimba.

Indoda le ephingayo ingabuye iphinde ifune ukuphinga nalomfazi asuke ayinukele. Yona ke ingazelaphi ngoba amadoda anenkani kaziboni ma ebulewe.

Kuke sekuthi indoda yomfazi lo ophingayo, yona ibe iphehla ubulawu nje iphalaza ngabo igeze umzimba kuphela. Ithi u kuba ibone ukuthi umfazi use yiyekile indoda leyo, ilikhiphe ikhambi kumfazi wayo. Imekhamele emakhaleni impheke, ngekhambi aphalaze ngalo isonto lonke. Kuthi ngesonta lesibili ilichithe igxobe omunye umuthi wokulikhipha ikhambi: impheke ngawo aphalaze futhi isonta lonke, awuchithe. Naye ke abe se mphehlela ubulawu. aphalaze ngabo isonto lonke imphothule

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

umuthi du qede kube yikhona ithi mfazi kuyena. Anga phindi ayicabange leyandoda abephinga nayo: akhanyelwe ngeyakhe nje ike likhezekheze kuye.

79.

Uma indoda iqonde ngokuphinga, yayiye izwane nezingedle. Ishaye inkomo. Kuthi ke inyanga iyigome. Iyigomele egameni lezintlobo zonke zamaqondo, nezokubajwa okunokuba kuthiye indoda kumkayo. Inyanga le imncindise imkhothise imphala zise imchathe imgcabe. Ukuze kuthi noma ebebize inyanga yamthiya ngelingakanani iqondo. lifike selikhona ~~emzimb~~ emzimbeni. Lingabe lisamenza lutho.

80

Amakhosi wona ayephika ngo kuthatha nje zonke izintombi ezi bukekayo azenze abafazi, kanti kanakubagcina ngalutho.

Enye inkosi ibe nesithembu esingamashumi amathathu, enye ibe nekhulu lonke.

Okusimanga yiko ukuba kuthandwa intandokazi. Bonke abafazi laba kube yize nje. Abanye bayigcina inkosi mhla beqala ukufika. Benele ukwe-nziwa abafazi qede bayekwe kuchume izintandokazi.

Labo bafazi abanjalo, bazali-swa ngamabutho enkosi- umpha-kathi.

Kuye kuthi uma inkosi ike yeza kanye kuye, abe sephinga nendoda enye unyaka wonke, aze abelethe, abe sethi yingane ye nkosi. Kepha abanye babanjwe ngoba ayisiso isilima inkosi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kuye kuzwakale uma umuntu e phinga.
Lowo mlobokazi njalo, obanjiweyo uyabulawa ngoba ugile umkhuba phezu kwenkosi. No-muntu lowo abanjwe naye uyabulawa. Ziphele izikweletu.

81

Kwakuye kuthi uma induna ihawukela umkamuntu noma kuyinkosi uma ihawukela umkamuntu, iphake impi iye kovimbezela. Kuthi kusempondo zamthini, lapho abafana besaya kochitha izingeje zabanumzane, kuzwakale abemunye esho ngelibandayo, ethi, " Kashongo njalo oKandaba ukuthi hala singalele." Sebeyangena njalo babulala umnumzane lowo kanye nabesilisa baku lowo muzi. Bathathe umfazi lowo ohawukelwa yinkosi, ba-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

nyise kuyo, imenze owayo.

82

Umfelokazi ubengenwa yilabo abafanele ukumngena-bakubo kamyeni wakhe.

Uma bengamfuni ke, ubebeka nje indoda ayibonayo ngenhliziyo yakhe, kuze yona ekhaya izozalela lowo ofileyo.

Kuthi ke uma ebona, abeke indoda imlobole kwabomuzi wakhe. Uma ebe masu mane, umfokazi ashaye ezisithupha, qede, ba gcagce. Uma enamasu asithupha, ashaye zibene. Loko kwa kusinqumo esanqunywa ngumlungu uSomseuu kaSonzica ukuthi umuntu kalotsholwe ngezinkomo ezilishumi nengqutho.

Engakabikho umlungu, umfelokazi bekuthi uma engange nwanga, egana nje komunye umuntu amlobole kwabakhulu bomuzi wakhe

abazindlalifa zakhe. Kuthi ke uma belobolisa bazephule izinkomo. Ngoba phela babeye baqonde lelo nani lezinkomo ezalobola umfelokazi. Babale izingane asezizele kubo. Ingane yinkomo, ingane yinkomo. Nengquthu ibalelwa kumyeni woku qala. Kayishayi owamuva. Kuba sekwephulwa izinkomo zamasu omfelokazi. Indoda leyo ibuyise eziseleyo qede, inikwe umkayo.

Loku bekungumthetho. Kanti futhi bekungathandeki nje ukuthi umfelokazi aphume a ye kogana, ashiye ukuphekela izintandane. Uma engangenwa nga, ubehlangana nje nendoda ezoloku ifika kuye ngokuhlwa noma kungesiyo eyasekhaya. Naye ubengelusiswe elusiswe o kwengane. Ngoba uma emitha, kuyaziwa ukuthi uzalela umyeni wakhe ofileyo. Yifa lelo

Kube kuhle kudele uma ezala amantombazana ngoba kuzobuya izinkomo. Kwakungashiwo ukuthi umfelokazi uyaphinga. Kanti futhi kwakungalinwa uma ethanda ukugana, ngoba kuya ziwa ukuthi nalapho ziyo buya izinkomo zesinqumo.

83

Yebo kwakuba khona isikhathi lapha ukuphinga bekuvunyelwe, kungabekwa cala kwabaphingeneyo.

Kwesinye isikhathi umfana uzoganwa ngumfazi kanti kasiyo indoda. (Ukungabi yindoda yikuba engathombanga. Engazali Isidoda sakhe singajiyele uku dala umuntu. Kwesinye isikhathi kuimbe ungunonkubili. Unonkubili ka kazali ngoba omunye uba nengqunthu engaqede nkhuba, kube sekumila ama

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

sende nomthondo ecelenis. Omunye
azibize ngokuthi uyindoda. ~~Kanti~~
Kanti ubudoda bakhe abukwazi
ukudala umuntu).

Kuzothi, ke, esechanguzelwe
wathi du, kuzobonakala ukuthi
sekwedlule isikhathi umlobokazi
kemithi, kuthi noma eya
ogedleni, lufike lungamsoli
kugula. Sekuzosuka umnumzane
akhulume ekhaya. Kuzanywe
ukuba kujijiswe isidoda salomfana,
ukuze sifanele ukubeka
umuntu kumlobokazi.
Babone kwedlula isikhathi
umlobokazi kuyiloku elula.
Bathule. Babone ukuthi umfana
kazali.

Abe sekhetha omunye umfana
khona ekhaya, umnumzane
ekhuluma naye ukuthi kufanele
azalele umfowabo ku
mlobokazi, ukuze angachitheki

umntanomuntu.

Nempela ke, umnumzane a bize umlobokazi amtshele ukuthi njengoba umyeni wakhe ehlulekha ukumzalisa, kufanele azalelwe yilomfana, yena ezalayo.

Ngakoke, umlobokazi uzothobela umthetho ~~kamyeni~~ kayise womyeni wakhe. Aphinge nalomfana, emithe. Athi wemithiswe yiyo indoda yakhe. Azame ukungayibonisi ukuthi uyalala nalomuntu anikezwe kuye ngenxa yenzalo.

Lomuntu ke amzalise umlobokazi kuze kugcwale indlu ezalela umfowabo.

Kungaze kwashiwo ke ukuthi kuphinga loko.

Futhi uma kusuke kuyidili, kuphekwe inyama yezinkomo kwa ~~hlatsh~~ phiswa utshwala, kuye kubuthane abantu abaningi bezokudla. Uma kukhona noba

umkhwenyenu nje, ecela ukuthi
ake umebele, uyamebela nje
kungashiwo ukuthi uphingile.
naye ubelambile. Phoke, kakwazi
ukubulawa yindlala ekhona umlamu
wakhe, ngoba isiga sithi umkhwe-
nyana kalali emnyango, noma kuthiwe
umlamu kalali emnyango.
Futhi ke uma abantu sebe
dakiwe, bekade bephuza, bayaye
bangabi nawo amahloni. Kusuke
nje indoda efisa umkamuntu
imeshele noba kusuke nje
umfazi eshele indoda, ayiqale
ngokuthi, "Ngishiyele." Kumbe
indoda ilandule. Abe esengena
ngokuthi wena wangalani kangaka?
ngibe ngisacele ugwayi kuwe
ngiqalekile unginciske. Isi-
zothi indoda, "Sondela ngiku
shiyele, angikwali, ngiyaku-
thanda. Sebeyabambana njalo
ngako loko, sebelalana. Obala

lukaba. noweidlula ngendlela usebabona nje bephingana. abe sesho naye ethi, "Euphakathi! abantu sekuzichuse nje!"

Lapho ke noba indoda ibamba umkayo, oqotshemy iyathetha nje imshaye ingamethwesi cala ngoba ube-dakiwe. Ubengaqonde ngakuphi-nga.

84.

Abantu abafani. Bekungaye kube khona umuntu obefisa udadewabo. Kwesinye isikhathi uyise afise indodakazi yakhe. Labo bantu ke abafanele ukuphingana.

Uma ke umuntu onjalo e-thola isibindi sokumeshela udade wabo, noba eshele umntanakhe bavumelane, kuthiwe bagile umkhuba omubi ezweni. Ba gongqwe bobabili balahlwe. Lalingekho icala kwaZulu.

Inkokhelo yokona yayingukufa kuphela.

85.

UNgebeshu wake waphinga nomka Sophayiza. Bathandana ababe besaba nandlebe. Wayesetshela umfazi uNgebeshu ethi kufanele beqe bawele uThukela./

12/8/34 Nempela ke, beqa. Baye bafika khona oThukela. Balufica lwegcwele. Base bezakhela idokodo eduze komfula. Bahlala. Kwathi sekwedlule izinsukwana nje, wafika uSophayiza. Wabafica behlezi bobabili.

Kabuzanga u~~Ngebeshu~~ Sophayiza. Wamqhumisa ngemvubu. Wamshaya wamshiya ulimi, ebuza ukuthi ngokabani lomfazi asedokode naye lapha?

Wathatha umkakhe wahamba wabuyela naye e-

khaya. Wafike wamebula nge mvubu ebuza ukuthi kusho bani ukuthi kamdumaze a phinge? Wakhala umfazi wa thi angeke esaphinda.

Yathi indoda kahambe aye kubo baye komlaya.

Wahamba. Wafika ekhaya wa yilanda indaba yakhe.

Bamsola kakhulu oyise nonina besho ukuthi impela uphoxile. Kaboni yini ukuthi umkhwenya na ube nokumbophisa imi thwalo amale, alande izinkomo zakhe alobola ngazo. Lokho ke kungaba yinto embi kakhulu ukukhipha ukhezo emlonyeni ngenxa yokonakala kwakhe.

Bathi kangabe esaphinda aphinge. Naye wethembisa ukuthi usegcinile ngci. Wayesethi uyise uma nje uphinda, uyokwazi ukuthi nginamandla okumtshela

297 umkhwenyana ukuthi kakubulale
Kubuhlungu ke ukuzibulala
mntanami. Ushiye izingane zakho
ngenxa yesimilo sakho esibi.
Mina angisakufuni ukuba
ungabuyela kimi ngenxa yezo-
no zakho. Ngakukhipha nga-
kukhipha. Sengithanda izi
nkomo lezi ezakulobola. Angi-
funi ke ukuba ungikhiphe
ukhezo emlonyeni.
Thatha nanti ithanga uye
kophekela umkhwenyana isi
nambathi."
Yakhala lentombazana, ilaya
a nguyise. Yathatha ithanga
lelo ephiwe ~~yi~~ lona. Yahamba.
Yafika qede yaphekela umyeni
wayo isinambathi. Base be
hlala kahle. Kabe esaphinda
aphinge.

85

Babehamba nje bethi abazi ku

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

297 70 K13/27

Banjwa. 86.

Bahamba bethi bazowela uThukela behlulwa yikuba lugcwale/ base bakha idlangala bahlala nganeno koThukela, bethembe ukuthi abayi kubanjwa, kanti bazobanjwa.

87.

Kwathi lapha ungebeshu emshaya umkakhe, abakwabo bathi kangambulali, futhi angamchithi ngoba ubekade elungisa kahle yonke into yiloku endela lapha ekhaya. Uyaqala ukwenza isixako esingaka. Kufanele aye kubo aye kolaywa.

Abakwabo kangebeshu ~~kasophayiza~~, baye bayomethwala lapho enatshiswa khona ngu~~Ngebeshu~~ Sophayiza ngemvubu.

Abakwabo mfazi obanjwe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

yindoda yakhe eseqe no~~Sophayiza~~ ngebeshu
bamlaya bamnika ithanga bathi
kaye kophekela umkhwenyana,
isinambathi.

88.

Lelicala laxoliswa lathiwa
kuyothi bangaphinda babula
we bobobili.
Lelicala alikhululiyelwanga
esigcawini. Laqedelwa kumnum-
zane. Aliyiswanga komkhulu.
Ar 89.
Azikhishwanga izindleko.
Intlawulo kwaba yinduku.

90

Indoda eyaphingayo yashaywa
yashiywa ulimi.
Umfazi washaywa yindoda
yakhe yamtshela ukuthi kaye
kuyise nonina bamlaye.

91

Wabuyela endodeni yakhe u
mfazi ngoba yamxolela.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

92.

Izingane kwaba ezendoda.

Amacala empahla.

(Uma impahla yonile.)

93.

Kwakuye kuthi uma umuntu ebanjwa eba ensimini yomunye umuntu, adlulisiwe. Ukumedlulisa kwakuye kwenziwe kanje:- Lowo omubonileyo eba, ababaze aqhaye izandla aze aklabele ngazo, ekhuza ethi Au! Au! Au! Au! Nanko umhlola! Au! Waze weba umuntu! Au! Wayingenela insimu yomntakabanibani! Au! Yeka amandla akhe ezilima ezihlakula! Au! Au! Au! Waze weba umuntu!

Lowo ke obatshazwe kanjalo

usedlulile. Sekuyoba yiloku kuthi kahambe aye kokweba nje. Angaphumuli engekile.

Kokunye bamkhunkule.

Kokunye uma esekhathaze ngokweba engabanjwa, kabeye ba mthathele ngomyawo lwakhe balwelaphe. Loko ke kwakwenziwa abantu abanthizinjombi.

Abafana babaqwagela kuqala baye kokukha umbila nemfe emasimini abantu, imfe ba yibophele emaqakaleni. Bayi hudule, baye koyidla.

Uma bebanjiwe bashaywe. Uma bengabanjwanga kuke basindile

Isela nxa leba ensimini yomuntu, likonwa, belisazwa ukuthi yisela — ngelasekuthini. Inxa njalo umnini nsimu eli ficile, alishaye kabi, angalima ngalelo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

297 74 K13/27

Yinxa sekukhona abelung u nje la sekwaba amacala angaka. Sengathi nezono za zingengaka kuqala, ngoba kwakuthi lowo obanjiweyo njalo, ashaywe.

Eke waficwa ebusuku, ngumthakathi. Kuthi inxa ebonwa ebaleni, emzini wendoda, bambone qede ba-thule bathi du. Acanase a-canase ebaleni.

Bavusane abalisa ba-mbambe, bamjoje endunu ngezinti abe sebezicijile. Bamethwale baye bamveze emnyango kwakhe, bathi, "Yemukela Kabikanibani, besho kumkako.

94.

Uma izinkomo zidle insimu bekuye kuyohlolwa. Kukhaleka-ne. Kwakungahlawulisana

ngoba abafana babelusa. Kuthi
noba izinkomo zimphambile u-
mfana zangena ensimini yomu-
ntu, Umuntu odleliweyo wa
eshaya umfana, liphele nga-
loko.
Kuthi ke uma idle kakhulu,
kuhlawulwe. Kepha nokuhla-
wula kwakungegugu.
Kwakuye kuthi umninikudla
efika insimu yakhe idenyelwe
phansi zinkomo, athethe nge-
ntliziyo ebuhlungu athi, "Hla-
wula ukudla kwami."
Abesethi nalo onkomo zonile,
"Sengizohlawula ke, ngelami
ihlanga lelo. Wena ngizoku-
nika ihlanga lami elinga-
ngelakho, mina ngibuye nela-
kho, ngoba zihundu zezinkomo
zami lezo." Kodwa kuphele nga-
ko loko njalo. Bangahlawulisani
bathethisane nje. Uma kushaywe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

297 K13/27

umfana kube kuphelile.

Kwakhuzwa imihlolo ngomfo waseMngazini, uMlingo Ntshangase, okwathi izinkomo zikaNyongo Ntshangase, zadla insimu yakhe yombila. Wathukuthela uMlingo wathi abamkhombele insimu engangayo. Bamkhombela eya-mabele.

Wayigenca, eyinqumela phansi Onke amabele! Nya! Kwasala ihlanga elihlaza. Ekhokhisa ukuba izinkomo ziqede insimu yakhe. Naye ke usegenca insimu yonke yomuntu ukuze bafane. naye kaze ayenela nabo abaze bayenela.

Kwabatshazwa intliziyo yakhe embi. Kwathi nabantu abambuzayo bethi, "Hawu! Ubuthi wenzani ugencela insimu yomuntu phansi?". Wathula nje. Kwazisa ukuthi wayenolaka.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

95.

Kwakungadatshulwa ensimini yo-
muntu kuqala. Nanamuhla a-
kukadatshulwa ensimini yomu-
ntu kwaZulu. Kepha lapha
esihungwini sekudatshulwa
nje kungaki ndaka zalu-
tho.

Kuqala bekungelokothe kwe-
nzeke ukuthi umuntu adabule
ensimini yomunye. Uma
ehambile kuyo, uyathakatha.
Uma engaloyi uyedelela.

Ngako ke, yinduku kuphela
elungisa loko.

96.

Umuntu wayengena nge
sango emzini womunye
Ubengafohli nasemini na
sebusuku. Uma esengenile
Wayefike akhuleke kumnu-
mzane. Kusho yena ke umnu-
mzane ukuthi kangene.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Uma umuntu efunyanwa esengaphakathi nje engakhulekelanga noba kusemini, ubeshaywa.

Njengo Lubenjana nje. Okwathi kuhlatshiwe kwaGobizitshwana, amadoda osa inyama esibayeni, naye wafika. Uthe la eza ehamba ngaphandle kothango, wezwa abesifazana bekhuluma kwenye indlu, bethi, Au! Saze saba sihle! Au! Au! Au Saba sihle!

Uthe ukuzwa loko, waye sefohla uthango, waphikelela kuyo leyondlu la kubatsha zwa khona, wafike wathi, "Nami ngikhombiseni lento enhle eniyibabazayo."

Wathi engakaligwinyi, yase imphethe ngenduku insizwa, eyabe ithunywe

297 ngumnumzane ukuthi ka
yiye komshaya. Wabaleka
wafohla uthango futhi wa
buyela emuva engasayi-
dlanga nenyama leyo a-
be yiphambele.
Phela amadoda ambona
efohla. Wona ayesesibaye-
ni. Njengoba nazi ukuthi
iso liyawuwela umfula
ugcwele. Umnumzane wa
yesesho kumfana ethi,
"Hamba uyoshaya nasiya
isiphoxo. Wayeseyomshaya
ke, ejutshwe ngumnumzane.
Phela kwakungumthetho
ukuthi ongangeni ngesa-
ngo, ulisela nomphangi.
Abesifazana labo babehlubise
umlobokazi bebuka isisu sakhe.
Ubezwa njalo uLubenjana, ba-
babaza ubuhle besisu somlobo-
kazi, owabe ekhulelwe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Angikhulumi ke ngomuntu obonwa esengaphakathi kothango ebusuku. Lowo usuke ezothakatha, ngoba nokufika kwakhe kafiki akhulekele, ufika nje angene ngaphakathi kothango, kepha angangeni futhi endlini. — Uyathaka thake lowo.

Ngoba nentombi uma inyonyobisa umsha wayo, ingamngenisa elawini imfihle khona. Uma ingamngenisanga elawini, iphume naye, imfihle endle ngaphandle kothango.

Ngakoke uma umuntu ebonwa emabaleni ebusuku, kuye kuthi abesilisa banyenyezelane. Baphume kanyekanye bamsukele bambambe, qede bamjoje, ngoba engumthakathi. Bacije izinti ba mhlabe ngazo endunu zize zi gcwale isisu. Bapheke amanzi abile bamboje ngawo, bamethwale bambeke emnyango kwakhe. —

ends No 29

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

begins No 3 297

K13/27 22b 10 JUN 1939 81

297 Addendum to page 22 Section 26 297

(Ukwonakala.)

97

Kuningi ukonakala kwempahla. Kokunye kuye kuthi umnumzane azale amantombazana aze elamane kaningi. Athi esegcina agcine ngomfana. Athi lapha esathatha unyawo umntwana, kokanye kufe uyise.

Lowo mntwana ke uyinkosana. Indlalifa yakulomuzi, ngoba uyise usefile.

Bakhona abafowabo yise abazo kumphathela ifa lakhe, bakubuyisele kuye la esehlakaniphile.

Ifa lalomntwana elishiywe nguyise, zinkomo. (angisazibali izimbuzi namagusha nezinkukhu, ngoba yizinto ezincane lezo) ngamantombazana.

Kuzothi kumbe la eseluse amathole, nje, ibe se igana inkosazana ilotsholwa ngezinkomo ezilishumi nengquthu.

Kuthi kumbe la eseluse izinkomo igane eyelama inkosazana, nayo ilotsholwe.

Igane eyelama lezo, nayo ilotsholwe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

"Kusale amantombazana amabili elanywa ngumfana lo oyindlalifa yalaba bantu.

Manje ke lelifa selilikhulu. Umudli walo usemncane. Uselusa izinkomo.

Ake sithi uyise ubefe washiya izinkomo ezilishumi nesithupha. Intombi enkulu eyende kuqala ya lotsholwa ngeshumi nenkomo, kumbe wahlatshwa umqhoyiso. Enye inkomo yathenga impahla yentombazana, yokwenda. Enye inkomo yahlatshwa.

Entombini yokuqala izinkomo ezimi esibayeni ziyisiphohlongo. Seziphumile zonke izindleko.

Entombini yesibili futhi ziyisiphohlongo.

Entombini yesithathu futhi ziyisiphohlongo.

Sekungezashiywa nguyise ke ezilishumi nesithupha.

Kumbe ke kukhonjwe umfowabo omkhulu kayise. Kube nguye ozobekela lomfana ifa lakhe.

Alikazukwenza lutho ke lelifa ngoba naku umnini lo akaganwa usemncane.

Sekuzoqhamuka umfana oganwayo. usefuna ukweboleka izinkomo ezilishumi nenkomo, ezolobola intombi yakhe ayithanda ngenthiziyo yakhe, kepha engenalutho.

Sekubuthwa amadoda asekhaya sekuya khulunywa. Ihlolwe kakhulu lendaba. Kubuzeke nokuthi uma enikwa lezinkomo zomfana ofelwe nguyise, uyozikhokha ngani.

Kumbe lo ozokweboleka useshe ethi, "qha, bakithi, ngisuke ngeqiwa yuthando lwentombi le yami. Bengifuna ukuyilobola ngiyiqede ngisime. Besengizisebenza lezinkomo ngibe mubuyisele umfana lo engakaganwa.

Abe sebuza futhi amadoda ukuthi uma engaphumeleli kumbe aguli angabi nawo amandla okuzisebenza lezinkomo, kuyokwenziwa njani.

Kukhulunywe ke, kumiswe ukuthi uma ehluleka uyomisa indodakazi yakhe ayoyizala kuqala, ukuthi izinkomo eziyoyilobola ziyokhokha ezomfana zonke.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

297 Kuvunyelwane ke ngalokoke.
Umfana eze nabakubo abazokumfakazela, eze kulaba abazokumnika izinkomo. Kuzwakaliswe ke isibopho esinqunywe ngalezi nkomo. Bavumelane ke. Anikwe umfana lowo. Zikhokhwe futhi ngayo leyo ndleba enqunyiweyo. Yaboshwa.

(2) Kokunye, kuzosuka inkunzi yomunye umuntu igwaze inkabi yomunye umuntu. Iyijuqe.
Kuzosuka umnininkunzi eyonile, aye kumnininkabi efile. Bakhulume. Kukhulunywe. Kubizwe amadoda asekhaya, kukhulunywe, kuphenyelwane izinthliziyo kuzwakaliswe ukuthi isilwane asithunywanga muntu nokuthi bangeze baxatshaniswa zilwane. Nomnini nkunzi ~~owo~~ ebulele inkabi abonakalise ukuthi udabuke ~~kwakhe~~ kakhulu.
Umnininkabi athi, "Lapha, kube yingozi le. Nami ngomuso kuzosuka inkomo yami igwaze inkomo yakho. Ungihlawulise. Kube sengathi besicuphene. Asingaxatshaniswa zilwane. Asikhalele enya-

meni nasesikhumbeni.
Wena ngisize nje keninge-
bulise inkabi le yami madoda
nonke, nithole amahlinzelo.
Senobuya kusasa sizoyidla
izithebe. Nibuye ngomhlomunye
sidle amanqina nentloko."
Sebeyayihlinza njalo
inkabi sebentshontsha ama-
hlinzelo, behloma ezindukwini
beya koqagelisa abantwana
ekhaya ukuthi baphetheni
(abantwana = inkosikazi yona
iphekela abantwana nomnum-
zane).
Nomnumzana (?) elimaze
inkabi yomuntu usethola-
isibindi. Selephela ngako
loko lelicala.
Kwakunga kokhiswa neze
kuqala. Kwakukhalelwana.
Ukukhokhisa kuze kwafika
nabelungu, ukuba kube
khona izinkantolo.
(3) Kwesinye isikhathi kuzosuka
umuntu athi uyababela kwakhe
kuvuke umoya. Weqe umlilo,
ushise umuzi womakhelwane
kanye nokudla kusengotsheni.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Lomlilo wehlule abantu bewul
kube yingozi eyenziwe umoy
Umnini-kushisa-umlilo,
zethwala aziyise kumuntu o
she lwe yimpahla yonke yak
kwasinda izingane zodwa.
Afike akhale phambi
kwakhe, kukhulunywe.
Angahlawuliswa.
Sekuzothi nje ke uma se
kwakhiwa naye lo owonileyo
elekelela ngentlizyo yakhe.
enze loko akucabanga ukuth
angakwenza. Nangokudla
futhi abaphe loko akubona
ngentliziyo yakhe ukuthi a-
ngabapha kona. Engakhok
Ngoba phela lo owona-
kaleleweyo, uthe, yingozi. naye
ufile njalo. Ubeqondiwe yiyo
ingozi. Umoya awuthunywa
muntu ukuthi awuphendu le
ke, naye umfice engakabaleli,
abe sesha.
Kwesinye isikhathi kuzofik
isihlobo sizokwethekela. Abe se
silayela insimu umkosikazi,
ethi kasinye kofula, Yena esa
libele ekhaya.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Usezohamba ke lomuntu ozokwe-thekela afule insimu yomunye, kanti kezwanga kahle la emlayela umhloko wakhe azokwethekela kuye.

Usefula ethi du, usefika umnini nsimu efulwe ngengozi usekhuza ilumbo, isela kube yisela.

Abe sethambisa igazi lo ozokwethekela esemlandisa konke. Abe sethula ke ebuyela ekhaya.

Abe sefika esezihudula kumhloko wakhe, lo ozokwethekela, esebika isono sakhe, esexabanisile wafula insimu yomuntu ethi ngeyomhloko wakhe.

Abe sesuka ke lo osihloko sokwethekela sifule insimu yomuntu ngengozi yokungezwa nkulayelwa. Esenyozethula. Ezethula kulo okudla kwakhe kufulwe ngomunye. Esebika yonke indaba ngengoba injalo eyibika ngenthliziyo edabukile.

Abe selndela isinqumo salona owonakalelwe ngukudla

kwakhe.

Naye ke lo kazoze avuma ukuthi akhokhise. Engabe impela, athi yingozi. Naye funa kuthi ngomuso kufike isihlobo sakhe sizokwethekela, singaze sa wubona umncele, sifule insimu yalo omunye ngesiphonsiso. Kuke sengathi bebecuphene.

Iphele ngako loko ke.

Kwakwaziswa khakhulu kuqala ukuthi ingozi, yingozi. kungahla wulwa. Kukhalelwane.

Into eyayihlawulwa impela, ngabantwana. Amacala e ntombi nensizwa. Laphoke - Ah! Kwakuhlawulwa na ngenduku nangenkani.

Cha ingozi yokonakala kwezinto. Kwakukhulunywa Kuhoshwane inimoya. Kunga khokhiswa

(4) Inganti ngisho noba umntwa na ebulewe ngomunye bengcu ka belusile. Bekukhalelwana kuthiwe yingozi

(5) Noma omunye ecwile esi-zibeni bebukuda, bekukhale-lwana, kuthiwe yingozi. Yehle

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

abantwana bethi bayadlala.

98.

Uma loko okonakele konakale ngengozi bekukhalelwana. Kuyekelwe.

Uma loko okonakele kwenziwe ngabomu, uyasha induku kuphela. Ashaywe lowo. Uma efa afe. Khona lapho kuliwa. Afe uma efa. Kungabi ndaba zalutho. Wedelele lowo.

99.

Uma ukonakala loko kwaziwa kuqondile. Kepha kuyingozi kuyakhalelwana, ku khulunywe.

Uma kungamabomu - yinduku kuphela.

Uma ukonakala kungaqondakali kahle. Kepha kusengathi kwenziwe ngabomu - Lowo owonakalelweyo umema izinsizwa, ayovimbezela kuphela kukhulume induku. Kufe gula lunamasi. Alikho icala.

Umnumzane uyena owethwala icala noma kone impahla yakhe, noma kone izinja zakhe, noma

kone abantwana bakhe.
Ngoba ! abantwana bagangi-
le. Kwesinye isikhathi bazo-
kweba imbuzi bayibulale ba-
yose endle belusile. Bayidle.
Kuzwakale. Uzobaqhuba
uyise uma sekuzwakele kakhe
ukuthi yibo. Aye nabo
kumnini mbuzi aye kozikkha-
lela ngesono senziwe zingane.
Naye lomnumzane uzo
thetha ahahamuze izingane
lezi. Uyise wezingane azi-
shaye phambi komnini
mbuzi. Zihambe. Basale
bona bobobili bakhalelane
bakhulume. Baxolelane.
Bangakhokhisani ngesono
sezingane.
Kwesinye isikhathi ku-
suke inkomo igwaze ingane
yomuntu. Esuke umnini
nkomo, agwaze inkomo yakhe.
Ahambe aye kozikkhalela kumza-
li womntwana ogwazwe yinkomo
yakhe. Baxolelane.
Kokunye kusuke inkosika-
zi yakhe lomnumzane ixaba-
nise abafazi bomunye umuntu

ngoba niyazi, abafazi ngama
xoki.
Sekuzofika icala lapha ekha
ya lenziwe umkakhe lomuntu.
Usebizwa Usezwa ezwa. Use-
bona ukuthi indaba imlingene.
Useshweleza kumnumzane.
Ekhala ngokuthi kamnike
ithuba ashaye inja yakhe
(inja ngumfazi wakhe)
Nempela iyekwe indaba.
Ingabe isedlulela phambili.
Bayikhulume bona. Asole
umkakhe. Kwesinye isikhathi
athi kaye kubo aye kolaywa
Kwesinye isikhathi ku-
suka izinja zidle imbuzi
kuzwakale.
Kwesuke umninizinja
aye koshweleza kumnini-
mpahla. Kushaywe izinja.
21/8/39 Bangakhokhisani bona.
Babeqa phela kakhulu
ukungaxatshaniswa yimpahla
Lonke icala lethwalwa ngu-
mnumzane- umninibantu
ekhaya.
Uma umuntu elulekwa
ngomunye kanti uyamyeliseela

Kube sekulandela amashwa emva kweseluleko sakhe, kwakuba yi-cala lalowo owelulekile. Kuthi ke lapha bebonana khona, ishe induku.

Njengoba uma kusuka insizwa ilayele enye insizwa intombi entle kanti lensizwa elayelwayo isijahe ukuthatha, kodwa ibingakahlangani nentombi efanelayo.

Ibe se ithi ke lensizwa elayelwa ngenye, "Cha, ngiyenelisiwa yintombi leyo. Kuhle nawe u ngikhonzele kuyo. Nami ngizo yeshela. Asiyikake yikhona izo sheshe ivume, ingigane.

Kanti lomuntu kamesheleli u mngani wakhe. Uyamnyundela. Uzeshelela yena. Ithi itha-tha intombi ibe iqalisa imbangi imale lo obethi kakakisu ethi uzoyithatha.

Uma sekuzwakele kahle konke ukwenza kwakhe, lapha beyobonana khona nje, iyosha induku. Athi umthumi kumthunywa, "Kuthi kukanyoko, ngikuthuma ngithi ngeshelele kanti uyazeshelela utshelwa ngubani?"

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Uma isikhambi sifica umfana edlisa insimu yomuntu ngezinkomo, besimshaya simone. Kuphele ngalokho.

Isikhambi besinomthwalo wokudla komuntu komuwa yimpahla ngoba naso sizophambukela sikhuleke indawo yokulala, basenyulela.

Kwathi ngenetshemi, uCetshana wayehamba. Wafica izinkomo zitheleke ensimini yomuntu. Waziyeka kaze azikhipha. Wayesephambukela emuzini, ekhuleke la ukudla nendawo yokulala. Wamthola umnumzane.

Kwase kuphakwa isinambathi enikwa lomuntu, loku ukebike nendlala. Okunye kwabe kusaphekiwe.

Wathokoza wathatha wadla. Ithanga labe linqushukela ela libonde lesinambathi.

Yase iqala iswabuluka indoda ixoxa. Isibona ukuthi iyasinda. Ithe la isakhe kathathu yayixoxa indaba yokuthi, "He! Angazi ukuthi kuyosa ikhona yini insimu yaloya muntu. Ngedlula idliwa umhla-

mbi wezinkomo ezi ngamashumi amabili. Ziyolala phakathi leziyankomo ngoba ngizibone sekuntambama, kanti futhi abantu abakaningi abahamba bedlule ngakhona.

Wabuza umnumzane ukuthi iyiphi leyo nsimu. Waye se nlayela ukuthi yileyo eboxe kakhulu ese ivuthiwe phakathi kwamasimu akhephuzayo alapho egcakini ngaphesheya komfula.

Wayeseyibona umnumzane ukuthi ngeyakwakhe. Wayesebuza ethi: Wazikhipha izinkomo yini? wathi, "Cha, angizikhiphanga. ngithe nazo ake ziphungule. Iboxile leyansimu, bo! Sengathi ingake idliwe zinkomo kakhulu kumbe kungaphunguka ukudla kuloya muntu, engabe ngubani. Uzonotha.

Wasukuma umnumzane wathatha imvubu yakhe. Wamgaxa! Wamgaxa! Wathi, "Phuma la! Ucabanga uthi ungabukela ukudla kwami nempahla? Phuma! Mthakathi!

Yesuka indoda yabaleka Wayiphekezela ngemvubu waze wayiqedisa ibala. . . . .

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

- Yalala endle indoda. Yalala ingadlile, ilambile. Zindaba zentliziyo yayo embi.

101

Kuqala kwakuba khona izindlela okwakungasahanywa ngazo. Kuvimbe noba yindlondlo, noba yimamba.

Kwakuye kuthi isikhambi lapha sifica izindlela zimbili sibuze ukuthi iyiphi indlela eya kobani? Abe semlayela ke.

Kanti uma kungenzeka amlayele kabi ngabomu, uzohamba qede umuntu afike ashaywe yindlondlo ekhanda awe phansi afe.

Abakubo sebezwile, bazo ya kovimbezela, bambulale loyo olayela omunye kabi.

102

Phela uma impahla idle amasimu, kuqala, kwakushaywa abafana kuthi ke nyalo, uma zidle insimu yomuntu onolaka akhokhise.

Kwakuye kukhokhwe ngensimu engazalo lelohlanga elidliwe. Kube sekuthi umnikazi zinkomo yena

abuye nehlanga lelo. Adle izihundu zezinkomo zakhe.
Uma izinkomo sezidla umbila ezingotsheni, kuba kubi kakhulu. Kukhulunywe ukuthi impahla ma ingayekwa ekhaya. Mayelulke. Umnini kudla aqinise ingobo yakhe.
Kuthi noma sekugunyaziwe kwathelwa ezihlahleni, izihlahla zakhelwe izindlwana, ukuze zingahlali obala.
Kwesinye isikhathi udliwe umbila ebusuku la usathelwe inqwaba ebaleni ukade uthuthwa ensimini.
Uma ke umninawo enolaka kuthi kusa abe ezaqhubile izinkomo wazibeka kubaninizo, abatshele bange kohlolayo. Uma sebehlolile ke abatshele athi, "ngiyawufuna umbila wami. Wukhokhemi."
Nempela ke uma ekhokhisa ba wukhokhe ube ngangalowo odliwe zinkomo lezo. Kepha ke izwe laliye limbabaze umuntu owe nzenjalo. Libabaze ukuthi une nhliziyo embi. Kwazise uku-

thi babelusa abafana kuqala
Kwakuthi uma impahla yonile
kube iphunyukile.

Kwakungafani nanamuhla lapha izwe sekwaba ngelabelungu. U ngeke usayethusa ingane yomuntu uyibona ithele izinkomo ekudleni komuntu ngoba umuntu usezothi nga ubiza imali wayeka ukushaya umntanami, ngiya kokubopha enkantolo, ngoba ushaye ingane yami. Manje se iyagula.

Kwakungenjalo ke izwe kuse ngelenkosi lonke, nabantu be ngabenkosi. Izinto zonke eziyingozi bezikhulunywa ze-khulelwe ngemfanelo.

Nezindlu uma zehlikizwe zinkomo, bekukhulunywa, ku shaywe abafana bokwelusa. Abatshazwe othi, hamba uyo yisikela indlu yami uyefulele, ngoba naye unayo impahla. Kayithumi ukuthi kayiye ko kona izinto zabantu.

Izinkomo zazingazidli izingubo kuqala. Kodwa lezi ezase zithengiwa emabunwini zase zi zidla.

(Ukweba)

103

Kwakuye kuthi uma kusuke abantu bazokweba noba zinkomo, noba zimbuzi, noba yizinja, noba zinkuku, amadoda afakane imilomo.

Kulandelwe amasondo. Uma zificwa emzini womuntu, ku yavinjezelwa. Iyasha induku. Baqhube izinkomo babuye nazo.

104

Kwesinye isikhathi amasondo angabonakali. Bese kuyiwa kobula. Sifike sizisho sangoma.

105

Isela laledlulisiwa. Kuthi lapho la lebe khona, kuma abantu ba babaze bathi Au! Au! Au! Besho beshaya izandla. Kuthi uma bebona noba zinyawo zawo amasela, bacaphune intlabathi yazo bayiweze umfula, bebabaza beshaya izandla.

Lelo sela ke lizokwedlula li heheke. Lihambe lebanje liya ~~phambiti~~ phambili.

Kwesinye isikhathi ke bayikhu

intlabathi bangise enyangeni, im-
edlulise ngomuthi, lowo olisela.

106.

Uma amadoda alahlekelwe zinkomo esezificile, afike asho ukuthi a-lande izinkomo zawo. Azikhombe. Noba nje kuzimbuzi, noba yizinja noba zinkuku zebiwe.

Amasela athi, Ngezethu. Ba-khombe uphawu lwabo ezilwa-neni lezo.

Kwesinye isikhathi inkuku i nqunywa uzwani; inja isikwe indlebe; Inkomo nayo iphawulwe noba ngombala wayo, noba ku nqunywe uphondo, noba ku-sikwe umsila.

Kwesinye isikhathi kuthi noma amasela afike ayidla in-komo, umniniyo uyosibona isi khumba sayo, ngoba akwejwa-yelekile ukuba izinkomo zibe sezifana newe.

107.

Isela uma libanjiwe liyasha-ywa kona lapho. ~~Kuthathwe~~ Kuthathwe izinkomo lezo elizebileyo kudliwe nezinkomo zalo ebe sezelusiwe kanye nalezi zokwebi wa.

100 K13/27.

297 lifuna
Uma, ukuzilanda limeme
lizilande. Kube sekusuka impi-
ke- njengoba nizwa isiga sithi
'Izwe lafa ngempofana' nje.
Kodwa ngokomthetho, uma izi
nkomo zesela sezidliwe, lifisa
ukuba zilandwe, yilo ke oku
funeka liye kobika enkosini
yalo, Ukuze kuthi uma ku
suka, uchuku ibe yazi inkosi.
Loku ukuba liye kobika e
nkosini likuthatha kwabakubo
ngoba bazohlangana bakhulume
babone ukuthi kungenziwa
njani.
Laba abebelweyo, bazozidla
qede bazibike enkosini ya-
kubo. Uma ithanda inkosi
iphake impi kuye kovinjeze-
lwa. Kuthi uma bengaqinile
kudliwe nezinye. Zidlelwe i-
nkosi.
Loku ke kwenziwa uma
izinkomo zakwenye inkosi
zebiwe ngumuntu wakwenye
inkosi
Uma abantu bankosi yinye
bebelene, kuyakhulunywa.
Kuqale kuhlanganiswe ama-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

297 doda khona ekhaya kuzwakale
ingqondo yesela. Noba lebe ngo-
kwedelela umninimpahla layo;
noba lebe ngokuthanda inyama
; noba lebe ngokufuna ukuya
kolobola ngazo yini.
Kuthi ke uma isela li
thamba liphendula ngokuzisola
, amadoda alithethe icala, li-
ngayi enkosini.
Zibuyele kumninizo izi-
nkomo ezebiwe; zishaywe
ezokuhlawula ukweba. Ashwe
leze amadoda akubo sela.
Ingaze yaba khona ke impi
uma kunjalo.
Uma isela libonakala lina-
magama okwedelela, balishaye
babuye baye kolimangalela
enkosini. Uma lilahlwa yi-
cala, lidliwe izinkomo zalo, zi-
hlawule lezi elizebileyo, neziseleyo
zidliwe yinkosi.
108
Uma isela lizintshontshe qede
lazihlaba izinkomo, kanti alibizwe
ngankomo esibayeni, lizoshay-
wa ngoba liyedelela. Lizozikho-
kha izinkomo lezo elizidlileyo

297 | 10 | 2 | K13/27

. Limise noba yintombazana yalo ukuthi kuyothi ingenda zi khokhwe ngezinkomo ezoyilobolo.

109.

Ngisho noba kungaze kube kwebiwe ekhaya. Lowo owebileyo uzohlawula njengoba bekohlawula umuntu wentaba.

Noba kungaze kube kwebe umfowabo; noba kungaze kube kwebe umzala wakhe umuntu; noma kwebe indodana yakhe; noma kwebe umkhwenyana; noma kwebe umlamu; Uyahlawula, ahlawule njengoba ku hlawula umuntu wentaba. Ashaywe futhi. Ashayelwe ukwedelela kwakhe.

110

Ukweqa umthetho wenkosi.

Umuntu othiya inkosi, noma yinduna yenkosi, eqonde ukuyihamba ngemuva, ukuze yonakalelwe ubukhosi bayo, ubethi anga banjwa abulawe.

111

Uma kungumfowabo nkosi lo ogila lomkuba omubi, noba

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kungumuntu wozalo lwenkosi, bekuye kuthiwe bayayibangisa inkosi.

Phoke, kucace loko, ngoba inkosi ibekwa yisizwe ngoba kuyiyo yodwa kubo bonke bakwabo okufanele ibekwe ubukhosi.

Uma sekusuka omunye ke ozalana nayo, eyibangisa, lowo usondezwa ebandla, ngokushesha Izwiwe indaba yakhe, ivivinywengamadoda.

Uma nempela iqhinga lakhe litholakala kahle, abulawe ngoba ngomuso uzobulala inkosi. Abulawe noma ebengumfowabo nkosi.

Kwesinye isikhathi umfowabo nkosi uye abange isinyenyela. Athi ethatha aphume ekhaya a hambe aye kohlala kwenye indawo. Kanti usehlangene namanye amadoda.

Iyethuka inkosi useyihlasela nje uselwa nayo, eyibangisa. Esehlangene nalabo abamelekelelayo kulokuchuka lwakhe.

Kepha ke uma kuba ngunye owehlulwayo, uyabanjwa abulawe nabantu bakhe bayabulawa uma

bebanjiwe.

Njengomhlangana nje. Njengoba nazi ukuthi uMbopha noDingana noMhlangana babulala uTshaka. Bembulala ngebaxa lokuthi kuzobusa uDingana noMhlangana; baloku bededelana./

Manje, ke, uMkabayi kaJama, kwaba nguyena Ndlovukazi eyayifanele igcobe inkosi. Umkabayi ke yena wayethanda ukubeka uDingana.

Manje, ke, uMhlangana naye waye lindele kakhulu ukubekwa ukukhosi. Indlovukazi yase yenza ubuqili, ihlangene noDingana.

Yathi mhla imemel umhlangano wokubeka inkosi, yabavusa ekuseni- bahamba nezinduna zikaMkabayi, bazishiya ezabo, baya kogeza.

Zabe seziyalilwe izinduna ukuthi, zibonela ukumbona nje ethi uyageza, zimbambe zimgwilise ngekhanda, aze afe. Zimhudule zimgqibe emhlangeni, besezizobika ingozi. Nempela zenzenjalo.

Lokhu ke wakwenza ngabomu uMkabayi, ebona ukuthi bazobanga. Wabulala uMhlangana ngesinyenyela, nangobuqili, ngoba emala. Wabeka uDingana yedwa waba yinkosi. Kanti bathi bebulala uTshaka babethi bobusa bobabili.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27 297

112.

Owedelela induna, wedelela inkosi ngoba induna ngeyenkosi.

Owedelela inkosi usuke esezidelile.

Owedelela isigijimi senkosi, usuke edelela inkosi.

Owedelela izwi lifika nesikhulu esiphakanyiswe yinkosi, usuke edelele izwi lenkosi.

Zonke izigijimi ezifika ziphuma enkosini mazihloniswe, zenziwe.

Akukho muntu ongephula umthetho wenkosi ethembela ukuthi uzoke aye koyimangalela kweyakhe indawo.

Noma ubani owenza enye yalezinto esezibaliwe lapha ku 112, makafe. Makangaziphendulele azeabeke nezaba zakhe - ngoba akukho isaba esingakwenza wedelele inkosi uphila. Ngakoke umuntu ongezwa wayebulawa. Kuphela. Anganikwa thuba limbe.

113

Kwakuhloniswa kuqala

Ukwedelela loku kufike nabelungu nje. Bazokuthi umama utshelwe into kwathiwa yenza, kusho umuntu

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

omkhulu, uma ubona ukuthi ayi-
lungile yiyeke, wedlule uye ko-
mangala.

Yayingekho inkantolo engale
kwenkosi kuqala. Uma inkosi
ithe yenza ukuthi, kwenze. Uma
ungakwenzi uzokufa ngoba u-
yedelela. Awunakudabula. Uzokufa.
Wedelele inkosi. Ufuna ukuyibulala
uma uyedelela. Ngakoke ngamafuphi
yifa ushesha/unga kayibulali inkosi.
Izinsizwa zizotshelwa zikubambe
ziye kokugongqa ngaphandle.
Kuphele izikwelelu.

Ubuthakathi.

114.

Kwesinye isikhathi kwakuye ku
suke umuntu asongele omunye, no-
ma bebekhulumisene nje. Abe se-
thi, "Ngizokulungisa! Ngeke uwadle
amabele kulonyaka ophezulu!.
Libeke ulikhaphe.

Konke lokoke ukusongela
Umuntu okhuluma kanjalo komu-
nye usuke emsongela. Uzombulala.
Uma ke abantu becabanga
ukuthi umthakathi uyaloya ekhaya

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

1047

Babeye bafune izintêlezi bachele e-
khaya, ukuze kuphuphe imithi
yomthakathi. Bachele njalo la se-
kuqundeka amehlo, bazungeze
umuzi.

Kwesinye isikhathi kuthi la
sebethi bayalala nje, bezwe
kuthi gqi gqi phandle. Bezwe
fohlo! fohlo! Bezwe sekuconsa
amaconsi endlini. Kanti yi-
mfene yomthakathi. Ifike qede
yakhwela phezu kwendlu yacha-
ma.

Uma abantu becabanga ukuthi
umthakathi uyaloya ekhaya, kuye
kumemane amadoda ahlale enda-
weni, noba endlini aloya kuyo.
Anele afike nje, ngoba phela
umthakathi wayehlubula ncwe
, abe segcoba umlotha. Uma e-
gibele imfene ayigibele abeke
emuva yona iye phambili.
Abe sefika qede emabaleni aye-
hlike imfene yakhe.

Nayo imfene ibe iloya, nay
futhi ahambe eloya khona la
ekhaya.

Kuthi ke lamadoda asehlomile,
ambone qede ecanasa umthakathi

aphume. Agijime ambambe.
abesepheka amanzi abile. Amqulusise amfake uphondo lwenkomo endunu amboje ngamanzi abilayo athi egeda abe semjoja ngezinti ekade zicijwa, ezingangezintungo zona zizimfushane. Amjoje khona egolo. Zize zigcwale isisu phama.
Bona ke sebembonile ukuthi ungowaphi. Anele ukwesutha abiloze qede esesuthi nezinti esezibobose namathumbu zazenzela okwazo esiswini somuntu bemjoja bengamphisekele, nabo esebakhathazile. Ebojwe nanga manzi ebila. Abiloze qede, bamethwale, bafike kwakhe. Basunduze umnyango (ngoba izivalo kwakuyilezi ezazelukwa ngogonothi), uvuleke. Bamuthi qithu maqondana nomnyango ngaphakathi. Bathi, "Yemukela Kasibambani, nanso inkomo yakho".
Basuke bahambe.
Kwake kwehlela uMbilongo loko yena ke wayehambe izwe. Wase shonelwa yilanga la ebona umuzi nje. Waphambuka, wakhulekela